# ISIVUMELWANO SOMUSA SIKA-ABRAHAMA

Ngiyabonga, Mfowethu Sullivan. Sanibona kusihlwa bangane. Ngiyajabula ukuba lapha futhi kulobubusuku enkonzweni yeNkosi yethu enkulu noMsindisi, uJesu Kristu, ngethemba ukuthi Ubemuhle ngempela kini namhlanje, futhi wanibusisa. Futhi silindele kulobubusuku okwedlulele, ngokuchichimayo ngaphezu kwakho konke ebesingakwenza noma sikucabange.

2 Kuthi ukuba kuhle ukuba phezulu lapha kulobubusuku. Umkami ungitshela ezansi ekhaya ukuthi lilungiselela ukukhithika ezansi lapho, ngakho ngicabanga ukuthi ngizovele ngihlale enhla e-Ohio, nje, uma nizoba nami.

3 Nginezinsuku ezimbalwa ze, ngiyethemba, ukuphumula uma ngingakwazi. Angikwazi ukuhlala ekhaya. Ngifika ekhaya nje ngiphinde ngihambe futhi, ngoba kubi kakhulu ekhaya kunoma kunjalo noma yikuphi, ekhaya. Ngakho ngikhathele ngempela. Kade ngihamba kusukela ngoKhisimusi, saqala amaviki amabili etabernakele emiNyakeni yeBandla eyisiKhombisa. Ngasuka lapho futhi ngehlela ezansi eShreveport, eLouisiana, ngisuka lapho ngaya e-Arlington, eTexas, noma, ngiyaxolisa, eBeaumont, eTexas; ePhoenix, e-Arizona; eTucson, e-Arizona; eLong Beach, eVisalia, eCalifornia; phandle, eTulare, eCalifornia; ngase ngiyabuya; enhla eRichmond, eVirginia; bese-ke kuba ngapha.

4 Futhi ngasukuma, nje—nje cishe sengihambile, lapho sekufika ekukhulumeni ngokomzimba. Kodwa ngaphandle, ngizizwa nginamandla, kodwa ingaphakathi yilapho engivele nje—nje ngikhathale, angikwazi ukucabanga kahle, kodwa ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzobusisa imizamo yethu njengoba sizama ukuMkhonza. INkosi inibusise.

5 Ngithemba ukuthi angeke kunenze nibe yiqeqeba lamakhaza, kodwa ngiyajabula ukuthi bakucishile lokho, ngoba kuncane, kunomsindo kakhulu. Niyangizwa kangcono manje na? Lokho kuhle. Omunye athole izipikili futhi asilungisele lokhu namhlanje futhi . . . Ngithemba kanjalo. Bengesaba ukuthi belizowa izolo ebusuku, futhi bengithi ukulisekela phansi lapha kancanyana.

6 Manje, sizosondela eNkosini kulobubusuku, iZwi laYo, njalo, phezu kwendaba yesiprofetho, eyodwa engike ngacabanga ngayo futhi ngakhuluma ngayo izikhathi eziningi, kodwa

ngifuna ukuthi ukusondela kuyo ngendlela yokubuka kulobubusuku, okwehlukile kancane, ngoba . . .

7 Abaningi babo bengishayela ucingo namhlanje futhi bangitshela ukuthi bebengezwa emuva lapho, bekungukuwawaza okukhulu nokuvungama; futhi a—anilitholi iZwi kahle kakhulu. Leyo yingxenye ebalulekile, ngukuthola iZwi, ngoba empeleni yiZwi elisemqoka. IZwi likaNkulunkulu yilokho okusemqoka.

8 Ngithemba ukuthi angiqondwanga ngokuyikho izolo ebusuku ngabaningi babazalwane bethu. Niyabo, uma sisondela kuNkulunkulu, sifanele size phezu kwe . . . Isimemo saKhe seZwi laKhe. Sifanele sethembeke kuleloZwi. Futhi uma wenza noma yini, noma usho noma yini, noma ushumayela noma yini, ephambene nomqondo wenhliziyo yakho yangempela, ungeke waba nokukholwa, ngoba uyazi ukuthi wenza . . . awuqinisile impela nje. Ufanele wenze ngayo impela nje indlela ocabanga ukuthi ilungile futhi usho nje lokho okwaziyo ukuthi kuyiqiniso. Uma ungakwenzi lokho, ungeke waba nokukholwa, qobo lwakho. Nomlayezo wakho awusoze wafika kubantu, ngoba ungeke wagcotshwa; ngoba phansi le kulokhu kububuza okuncane phansi *lapha*, nicabanga into ehlukile kunalokho enikusho phezulu *lapha*; lokho nje ngeke kusebenze. Ufanele uthembeke ngempela.

Futhi amaHeberu, isahluko 10, ebengibhekisela kuso izolo ebusuku. Niyabo?

> *Ngokuba uma sona ngamabomu* (Niyabo?) *emva . . . sesamukele ukwazi kweqiniso, akusekho umnikelo ngezono.*

9 Futhi ebengizama ukukubeka (Uma ningizwa kangcono kulobubusuku, niyabo?): Labobantu babenesithembiso sikaNkulunkulu, u-Israyeli wayenaso. Niyangizwa nonke manje na? Phakamisani izandla zenu, wonke lowo ongizwayo. Kuhle. Labobantu bathenjiswa nguNkulunkulu, izwe lesithembiso, kodwa lapho sebefike endaweni ukuba bathathe isithembiso, bangabaza. Base-ke bebuyela emuva futhi bafela ehlane, bonke abangasikholwanga lesosithembiso. Ngabe yiqiniso lelo na? Phakamisa isandla sakho ukuze ngibone. Bonke bafa. Babili kuphela abakukholwa, uJoshuwa, uKalebi. Futhi ababili kuphela balabobantu bonke abayizigidi ezimbili nengxenye, babefanele bangene ezweni, ngoba bakukholwa.

10 Manje, iTestamente eLidala lingumfanekiso weLisha, ngenkathi ngilifanisa ndawonye. Namhlanje, u-Israyeli wokomoya wenze lona impela iphutha elifanayo u-Israyeli wemvelo alenza. Futhi lapho bekhuphukela endaweni yangempela, kungukuthi usudlule esikoleni sesayense yezenkolo phandle lapho, njengoba nje benza ku-Eksodusi 19.

11 Abakwazi ukukwemukela, uma kwenza, inhlangano iyabakhipha. Benginabefundisi phambi kwami namhlanje, amadoda akahle: I-Assemblies of God ingomunye wabasekeli bami abakhulu; iChurch of God, umsekeli; iFoursquare, umsekeli; i-Oneness, umsekeli; iTwoness, umsekeli; i-United Pentecostal, umsekeli; iPentecostal Holiness, umsekeli. Futhi abanye babefundisi abangamaKristu abakahle kunabo bonke okhona ebusweni bomhlaba ukulezo zinhlangano. Angibancengi labo bafowethu. Bangabafowethu futhi bangamadoda kaNkulunkulu.

12 Kodwa inqubo, hhayi amadoda, hhayi abantu, kodwa inqubo, ibazungezisa futhi ibahlukanise nabanye abafowethu. Bangeke bakwenza lokhu lapho inqubo abangaphansi kwayo ingeke ibavumele ukuba bakwenze. Yilokho engimelene nakho, bazalwane. Bengingethande ukuba niqonde ngokungesikho. Ngiyazi ukuthi lelo yiqiniso likaNkulunkulu, futhi ngiyazi ukuthi into izofanele ife. Wonke umfanekiso, isithunzi, futhi ngisho nomBhalo qobo lwaWo uyakufakazisa.

13 Ngakho-ke, ngiyabathanda abazalwane bami kwi-Assemblies nakuwo onke amanye amabandla: i-Oneness, neTwoness. Angikaze ngenze mehluko phakathi kwabantu ukuthi bangabayiphi inhlangano. Inqobo nje uma bezelwe ngokusha futhi bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele bangabafowethu. Futhi ngizamile ukuma ngqo esikhaleni futhi ngithi, “Ningabafowethu.”

14 Kulobubusuku, umhlangano onjengalona edolobheni, lapho engithole khona indoda eyodwa engixhasayo: uMfowethu Sullivan. Ngokwazi kwami, lokho kuyiqiniso. Lapho sonke besifanele sibe ndawonye, onke amabandla. Lokho kuyakhombisa: ngingumfowenu impela nje, lapha epulpiti kulobubusuku, njengoba ngangingumfowenu phandle eChautauqua. Ngingumuntu ofanayo. Angikashintshi. NginoMlayezo ofanayo nje. Kunjalo. Nginithanda kakhulu impela nje, akunandaba ukuthi ubuyoke wenzeni kimi, lokho akungenzi ngiphatheke kabi ngani. Uma kwenza, khona-ke nginephutha nami.

15 Futhi uma ngenyukela lapha futhi ngixokozele, ngempela ngibeke isono e. . . nokungakholwa nezinto emgqeni wokugweda ukwehluka nje, bazalwane, ngiyisikhonzi esingafanele salendawo engcwele. Ngimubi kakhulu kunomuntu osekwedukeni ngokomBhalo, ngoba ngisephutheni qobo lwami ngokuzama ukubukisa noma ngenze into ethize ehlukile. Uma ngingakwenzi ngokukholelwa kuNkulunkulu, ngothando lobuzalwane enhliziyweni yami, nginephutha. Futhi yileyondlela engikwenza ngayo, bazalwane bami.

16 Ngifanele ngibhekane nabantu abagulayo, amandla amademoni. Ngingaba kanjani nokukholwa lapho ngiphambene

nento ethize futhi. . . e—engingayikholwa ngempela, futhi ngizama ukuthi, "Yebo, kulungile. Qhubeka nje." Ngeke ngakwenza lokho. Lokho nje akusikho ukwakheka kwami. A—a—angenziwanga ngaleyondlela. UMoya oNgcwele ungeke ungivumele ngibe ngaleyondlela. Ngifanele nje ngibe yilokho engiyikho, futhi wonke umuntu uyangazi ngaleyondlela; futhi yileyondlela engifuna ukwazi ngayo wonke umuntu: lokho nje oyikho, yiba nguwe nje.

17 Njengoba uCongressman Upshaw asho ngesinye isikhathi, niyamkhumbula, waphulukiswa emihlanganweni yami, kade. . . emva kokukhubazeka iminyaka engamashumi ayisikhombisa. . . amashumi ayisithupha-nesithupha, wathi, "Ungeke waba yilutho ongesilo!" Futhi kunjalo; amaKristu ashesha kakhulu ayakufunda lokho, kungcono uyoba njalo.

18 Ijoyinti likagweva ngeke lilimaze ibandla kangako. Qhabo, yindoda ebandleni ezisho ukuthi iyinto ethize e "ngesiyo." Yilokho okuyikho, lowo ngumuntu. Yiqiniso.

19 Manje, ukuze nizoqonda ngokucacile kusukela izolo kusihlwa, ngenkathi benyuka ubuso nobuso nesithembiso sikaNkulunkulu emva kwabo, ukuthi zonke lezizinto zazingezabo, futhi behluleka ukukukholwa, futhi bafuna ukubuyela emuva futhi futhi baqale izinto zabo ezindala ezifanayo njengoba babenjalo, uNkulunkulu wabayeka bazulazula khona lapho kulelohlane baze bafa bonke.

20 Futhi amaHeberu, manje bhekisisani, amaHeberu isahluko 10 athi, "Uma sona ngamabomu. . . " Manje, yini *isono*, bazalwane na? "Ukungakholwa." "Ongakholwa uselahliwe vele." Uyaphinga. Kungani na? Ngoba ungongakholwayo. Uyeba, uqamba amanga, uyakhohlisa. Kungani na? Ngoba ungongakholwayo. Kunjalo. Ikholwa leqiniso langempela alikwenzi lokho. Niyabo? Alikwenzi, ngoba uMoya oNgcwele ukulo, uma kwenzeka ngisho enze iphutha, iBhayibheli lasho futhi, "Futhi okhonzayo, esehlanjululwe kanye, akasenawo unembeza wesono." "Ozelwe nguNkulunkulu akenzi isono." Akasuye ongakholwayo, uyikholwa. UMoya kaNkulunkulu uhlala kuwe, ungeke wona. Ungeke waba yikholwa nongakholwayo ngesikhathi esifanayo. Kuphakathi kokuthi uyikholwa noma awusilo ikholwa. Manje, lalelani umBhalo.

21 Owesilisa noma owesifazane ofika emaqinisweni eBhayibheli, ukhuphuka amelane nemfundiso yangokomBhalo, mfundisi, noma ngabe ungubani, futhi ngikusho lokhu ngothando lukaNkulunkulu, futhi uyakubona, futhi wazi ukuthi kuyiqiniso, futhi ukufulathele, "akusekho umnikelo ngezono, kepha ukulindela okwesabekayo ukwahlulelwa, ulaka oluvuthayo oluzakuqeda iphikankani. Odelele umthetho kaMose. . . "

22 Ngenkathi benikela ngewundlu elincane, bathatha umfo omncane base behluthula umphimbo wakhe omncane futhi wabamba ikhanda lakhe futhi wamuzwa evevezela, efa, igazi liphuma emcengezini, futhi lelo laphoswa e. . . njengomkhuleko, lakhuphukela e-altare lethusi lomhlatshelo nokwahlulela, i-altare lokwahlulela, ithusi likhuluma ngokwahlulela kukaNkulunkulu. Nalelowundlu elincane, emva kokuba ekugcineni seliyeke ukukhahlela, umkhonzi emi lapho, waqonda ukuthi kwakuyizono zakhe ezenza lokho. Lowo bekufanele kube nguye, kodwa iwundlu lathatha indawo yakhe.

23 Manje iwundlu, umhlatshelo wesilwane, wawungeke neze usindise umuntu. Ngoba ukuphila okwakukulelogazi kwakungukuphila kwesilwane. Kwakungeke kubuyele phezu komkhonzi. Ngakho isono sasimboziwe nje. Kwakuyi. . . nje i. . . ukulinda kuze kufike iWundlu langempela. Kwakuyisenzo sokukholwa, kukhombisa ukuthi iWundlu langempela laliza.

24 Kodwa manje-ke, manje-ke uma enze lobo bugebengu obufanayo futhi, ngaphambi kwalokho kuhlanzwa endaweni engcwele, futhi waqoshwa ngokuphinga okwesibili, phansi kofakazi ababili noma abathathu abafakazisa ukuthi bambona ekwenza, wayekhandwa ngamatshe ngaphandle kwesihawu. Akunandaba noma ngabe wayengumshumayeli, wayeyimeya yedolobha, ukuthi wayengubani, wafa ngaphandle kwesihawu. AmaHeberu, ekubuka, amaHeberu, isahluko 10:

> . . . *wafa ngaphandle kwesihawu ngezwi lawofakazi ababili noma abathathu:*
>
> *Nicabanga ukuthi ukujeziswa okubuhlungu kakhulu kangakanani,* . . . (Manje bhekisisani . . . ) nakuba *ufanele* . . . (ungumfundisi, noma ungaba ngubani, uvuma uMoya oNgcwele) . . . *o*nyathele *phansi iNdodana kaNkulunkulu, wa*shaya *igazi lika* . . . Jesu Kristu . . . njenge*nto engengcwele*.

25 Sikhulu kangakanani isijeziso lapho nibeka izandla zenu ezinyaweni zeNkosi uJesu, futhi uzwe izinhlungu nezinto Akufela, futhi uMvume njengoMsindisi wakho, akusiyo impilo yesilwane lapho; kanjalo kwakungesiyo impilo yomuntu; kwakungukuPhila kukaNkulunkulu. NalowoMoya owawukuYe, ubuyela phezu kwakho, futhi ukwenze indodana kaNkulunkulu.

26 Futhi uma wenyukela ukubhekana nalamaqiniso, niyabo, "Ngokuba uma singakholwa ngamabomu, noma yiyiphi into yangokomBhalo kumbe noma kungaba yini, uma singakholwa ngamabomu . . . "

27 Uthi, bathini na? "Asikwazi ukukuthatha. Kukhulu kakhulu kithi. Asikwazi . . . " "Uma ngifanele ngikhiphe inhlangano yami, uma ngikwamukela lokho, bazongixosha. Ngeke ngibe nendawo engingaya kuyo, akukho-muntu ozongesekela."

28 Ubani owabhala iBhayibheli, inhlangano yakho na? Ubani onesibopho ngeZwi, inhlangano yakho na? UNkulunkulu unesibopho ngeZwi laKhe. UNkulunkulu uzonakekela abaKhe uQobo. UNkulunkulu uzokweseka. Noma yimuphi umuntu owake waba kakhulu kakhulu kulokhu ukuphila, kwakungamadoda ama odwa noNkulunkulu. Yileyondlela, uma uke wama, uzofanele ume.

29 Manje, uyenyuka bese uthi...Njengalapha, sengathi ubungaba yiMethodisti, futhi uyenyuka futhi Lathi, "Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ngosuku lwePhentekoste," futhi niyabona ukuthi lokho kuqinisile: ukuthi amandla kaNkulunkulu ehlela kanjani phezu kwalabobantu futhi wena uthi, "Ku—ku...ngi—ngiyazi ukuthi lelo yiqiniso, kodwa uma ngikwemukela, bazongixosha enhlanganweni." Bazokwenza. Impela bazokwenza.

30 Manje, ufanele wenze ukukhetha. Uyazi ukuthi kuyiqiniso. Manje niyabo, "ongakholwa ngamabomu, emva kokuba esemukele ukwazi kweqiniso, ongakholwa, afulathele lokho, akusekho umnikelo wokungakholwa." Usuphelile futhi ugezekile kuze kube phakade. Kunjalo.

31 Futhi iPentecostal ezokwenyukela kuleyondawo efanayo...Labo babengabangaphambi kwePentecostal, futhi babenesithembiso sokuthatha izwe, naso sonke isibusiso uNkulunkulu asethembisa. UNkulunkulu wabanika khona, kodwa ngoba ukuphikisana kwakukukhulu kakhulu, babuyela emuva futhi bahlala ehlane iminyaka engamashumi amane, esikhundleni sokubhekana namaqiniso.

32 Leyo yinto efanayo uPawulu akhuluma ngayo lapha kumaHeberu 10. Seniyaqonda manje na? Manje, lowo ngumBhalo, bazalwane bami. Futhi lapho umuntu efulathela iqiniso, futhi asuke kulo ngamabomu, emva kokuba esebone ukuthi kuyiqiniso, khona-ke ungumkhiqizo osuqediwe noNkulunkulu. Kunjalo, "ngokuba akusekho umnikelo ngesono, kodwa ukulindela okwesabekayo ukwahlulelwa nomlilo oshisayo, ozakuqeda iphikankani." Ngoba uma bafa phansi kofakazi ababili noma abathathu, phansi komthetho kaMose, ngalolohlobo lwewundlu, kuyofika kakhulu kangakanani ukwehlukana kwaPhakade kulowomfo osuka eqinisweni, ngenxa yenhlangano yakhe, noma unina, ubabayi wakhe, kumbe noma yini enye eyayingamvimbela ukuba aqhubeke noNkulunkulu.

33 Ngiyethemba niyakuqonda. Uma—uma ngikulimaza, angiqondile ukukwenza. Ngethula nje iqiniso engaziyo ukuthi liyiqiniso. Ngadingeka ngibhekane nalokho, bazalwane, futhi ngiyazi ukuthi kusho ukuthini. Futhi nga—ngabhekana nakho. Futhi udeveli wangitshela ukuthi ngiyobulawa yindlala, nakho konke okunye, futhi ngiyoba yisilahlwa, nomelusi wami

wathi, "Uzoba ngumgingqiki ongcwele futhi uzolahlekelwa yingqondo yakho futhi ube sesikhungweni sezinhlanya." Kodwa kwakuyiZwi likaNkulunkulu! Futhi ngabhekana nakho futhi ngakwemukela, futhi angikaze ngizisole ngakho, kodwa ngibonga uNkulunkulu ngoMoya oNgcwele ongiholele kukho kusukela lapho, futhi ngime ngedwa kusukela ngaleyonkathi. Asikhuleke.

34 Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga ngalo lonke iZwi elinomusa elilotshwe kuleliBhayibheli. Lokhu sihaqiwe yifu elingaka lawofakazi. Abantu abayizigidi ezimbili nengxenye bafa, ya, bebhubha ehlane lokungakholwa, futhi ababili kuphela abakholwayo bavunyelwa ukuba bawele. Baba Nkulunkulu, ngikhuleka kuWe ukuba usisize ukuba sibone lokho futhi—futhi sibheke ukuthi kusho ukuthini. Masingabi ngabangakholwa eZwini laKho, kodwa kwangathi singabi kuphela ngabezwayo kodwa abenzi beZwi. Siphe khona, Nkosi.

35 Kwangathi kulomhlangano omncane engizizwe ngiholeleka ukuba ngize lapha kumfowethu, nakulababantu abakahle olapha kulelidolobha . . . Futhi ngiza noMlayezo Owubeke enhliziyweni yami.

36 Manje, ngingahlwanyela imbewu kuphela, Nkosi. Ufanele ube nguYe onikeza ukwanda. Futhi ngikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzonisela lezozimbewu ize iveze ukuhlangana phakathi kwabazalwane, naphakathi kwezinhlangano kulelidolobha nalomphakathi, baze ba . . . kuzothumela ukukhanya kweVangeli emhlabeni wonke. Siphe khona, Baba. Sisize kulobubusuku manje, njengoba siqhubeka sihamba, siqhubekela phambili ekukholweni singene eZwini laKho, ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Amen.

37 Nginendaba encane lapha engishumayele ngayo. Kodwa bengifuna ukuyithatha ngendlela yesiprofetho, kulobubusuku. Itholakala kuGenesisi 22:14. Ngifuna ukuqala:

> *U-Abrahama waqamba igama laleyondawo ngokuthi uJehova-jire: njengalokhu kuthiwa nanamuhla, Entabeni yeNkosi kuyakubonakala.*

38 *UJehova-jire*, "iNkosi izozibonela uMhlatshelo." Manje, lokhu kusempilweni ka-Abrahama, ongubaba wethu sonke. Manje bangaki abaziyo ukuthi sifanele sibe yinzalo ka-Abrahama kungenjalo asisoze sangena eZulwini na? Sifanele. Kungenzeka yini ukuthi sibe yinzalo ka-Abrahama na? Kanjani na? Yinye kuphela indlela ezweni kuze kube phakade ukuba ube yinzalo ka-Abrahama, lokho ngukwemukela uMoya oNgcwele.

39 Manje, sisanda kwedlula kulokho eCalifornia, emuva naphambili futhi emuva naphambili ngophawu lwesilo noPhawu lukaNkulunkulu, indlela kuphela esiyoke sibe yinzalo ka-Abrahama, ngoba lokho kusinika ukukholwa kuka-Abrahama. Futhi u-Abrahama akazange asemukele

lesisithembiso ngenkathi esekusokeni, phansi komthetho, kodwa ngenkathi ephansi komusa, ngaphambi kokuba kuze kukhishwe ukusoka. Ngakho-ke, akusiyo into ebesingayenza ukukufanela; ngumusa kaNkulunkulu osinika khona. Ngokukholwa, u-Abrahama wamkholwa uNkulunkulu, futhi kwabalelwa kuye kungukulunga. Umthetho yilokho umuntu ayekufuna, hhayi lokho uNkulunkulu ayekufuna.

Manje, sifuna ukuqala ku-Abrahama manje. Futhi ngifuna nilalelisise ngempela, uma ningakwazi.

40 Futhi empeleni, ngabe bekukhona. . .noma ubani onikeze. . .ngabe bawakhiphile amakhadi omkhuleko na? Ngikhohliwe ukumbuza, ngabe ukhona umkhuleko. . .? Uphi uBilly na? Ngabe akhona amakhadi omkhuleko anikeziwe na? Ya, kubekhona amakhadi omkhuleko anikezwayo, kulungile. Kulungile, khona-ke sizo, mhlampe sikhulekele abagulayo ekupheleni kwalenkonzo encane lapha.

41 Manje, asiqale ngo-Abrahama, futhi sithole ukuthi u-Abrahama wayeyini, nokuthi siba kanjani yinzalo yakhe. Bese kuthi-ke uma ngempela besingasekela ngempela phezu kweZwi leNkosi, khona-ke si. . .kususa konke ukwesaba kithi uma sazi ukuthi senzani.

42 Ubungaphuma kanjani futhi ucoshe. . .? Nina banumzane abahloniphekile, zinsizwa lapha, ningaphumela emgwaqeni bese nicosha owesifazane futhi nimshade, ngoba nje uphumile futhi wamcosha; wayengowesifazane na? Anginayo imicabango kakhulu yomqondo wakho uma ubungakwenza. Kodwa niyabo, kuqala ufanele wazi okuthile ngaye, ukuthi uvelaphi, isimilo sakhe. Kungaleyondlela ngowesifazane kumyeni wakhe, indlela efanayo. Ufanele ucabange ngalezozinto, ngoba ngukuhambisana kwakho naye konke ukuphila kwakho konke.

43 Futhi lokhu ngukuPhila kwethu okuPhakade noNkulunkulu, noma sahlukaniswe ngokuphelele futhi sishabalaliswe esihogweni. Niyabo? Kungokukodwa noma okunye. Ngakho sifuna ukusondela kulokhu phezu kwezisekelo zomBhalo, futhi sazi ukuthi sikuphi, khona-ke uzoba nokukholwa ukwazi. Uma ungabona lapho oya khona, khona-ke unokukholwa okuzoya khona. Kodwa uma ungaboni ukuthi uyaphi, ukhubeka nje ebumnyameni, awazi ukuthi wenzani.

44 Ngakho u-Abrahama, lapho esaqala khona ukufunda ngaye. . .Nina enimaka imiBhalo, ngibona abaningi benu. Futhi ngikusho lokhu ngenhlonipho yokuzithoba, ngibhekisisile izolo ebusuku nakulobubusuku futhi, inenekazi elithize lapha, ngiyalithakasela. Lifunda leloBhayibheli; nomaphi lapho ngicaphuna khona umBhalo liya ngqo kuwo. Ngiyakuthanda lokho. Yileyondlela. Kwesekele. Khona-ke uyazi ukuthi uno-ISHO KANJE INKOSI.

45 Omunye wangibiza, wathi, "Mfowethu Branham, ngayo yonke into oyishumayelile, awukaze ushumayele neyodwa into engake ngakuzwa eminyakeni eyishumi edlule, kodwa lokho engikuthole kubhalwe emakhasini eBhayibheli lami." Lokho, ngiyakuthanda lokho, niyabo. Kunjalo. Futhi wathi, "Ngiwalalele amateyipu akho, amanye awo agxekiwe," kodwa wathi, "Ngihambe ngaqonda ngqo kubagxeki futhi ngathi, 'Ake nginikhombise khona eBhayibhelini.'" Niyabo? Kulungile lokho. Lokho kuhle. Niyabo? Lowo nguMoya oNgcwele: KuseBhayibhelini, khona-ke kuqinisile.

46 Manje, sithatha u-Abrahama esahlukweni 12. Manje, ngilandeleni nesahluko. UNkulunkulu wahlangana no-Abrahama; ungumuntu ojwayelekile nje. Indoda endala kwasekuqaleni nje, iminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala. Ngakho bazalwane, uma nicabanga ukuthi usumdala kakhulu ukuba uqalele uNkulunkulu lapho usunamashumi amahlanu, amashumi ayisithupha, iminyaka engamashumi ayisikhombisa ubudala, ngani, awunjalo. U-Abrahama wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala. Udadewabo ingxenye, ashadelwa nguye, uSara, ngalesosikhathi wayeneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala. Futhi babeyinyumba, bengenabantwana. NoNkulunkulu watshela u-Abrahama, "Ngizokwenza isizwe esikhulu futhi ngikwenze uyise wezizwe," futhi umnika isivumelwano.

47 Manje, indawo yokuqala ngifuna niqaphele, isivumelwano asenziwanga ku-Abrahama kuphela, kodwa ku-Abrahama nenzalo yakhe emva kwakhe. Manje, ake sisho lokho kanyekanye. Manje, silungiselela inkonzo yokuphulukisa. Niyabo? "Ku-Abrahama, nenzalo yakhe, emva kwakhe."

Niyabo? Manje, uNkulunkulu akwenzela u-Abrahama, Ukwenzela inzalo yakhe emva kwakhe.

Manje, ngizokufakazisa lokho kini kulobubusuku ngeBhayibheli. Futhi impela lokho kuzonixazululela ubusuku bayizolo ebusuku. Niyabo? Qaphelani!

48 Kweyakhe . . . u-Abrahama, ngakwesokudla sami, nasenzalweni yakhe emva kwakhe, *ngapha*. Ngizothatha izincwadi ezimbili, futhi ngizozibeka phezulu *kanje* ukuze nibone: *lona* ngu-Abrahama, *lena* yinzalo emva kwakhe; u-Abrahama, nenzalo emva kwakhe. UNkulunkulu, lokho Akwenza ku-Abrahama, Wafunga ku-Abrahama nenzalo yakhe emva kwakhe. Manje, lalelisisani; ningakugeji lokhu.

49 "Oyimbewu yakhe . . ." uma ufile ezintweni zezwe, futhi wenziwa waphila kuKristu, ngoMoya oNgcwele. "Ngokuba thina esifele kuKristu, sithathe inzalo ka-Abrahama, futhi siyizindlalifa kanye naye, ngokweSithembiso": IBhayibheli.

50 Manje, nisiqaphelile isivumelwano Asenza no-Abrahama esahlukweni 12 sikaGenesisi na? Isivumelwano sasingesikho ukuthi, "Abrahama uma uzokwenza into ethize, Ngizokwenza into ethize." Sona, isivumelwano, sasingumusa ngakho konke. Qhabo, "uma uzo. . ." UNkulunkulu wathi ku-Abrahama, "Ngine. . ." hhayi, ". . .uma uzokwenza into ethize."

51 UNkulunkulu wenza isivumelwano no-Adamu. U-Adamu wasephula. Njalo lapho Enza isivumelwano nomuntu. . .U-Eksodusi 19, Wenza isivumelwano; wasephula.

52 Kodwa uNkulunkulu, ekunqumeni kwaKhe, hhayi ngemithetho, noma izivumelwano nomuntu, kodwa ngezivumelwano naYe uqobo, Wayezimisele ukusindisa umuntu, ngoba yindodana yaKhe.

53 Ngakho U. . .akusikho kuphela ukuthi Wenza lesisivumelwano, kodwa Wafunga ngaso. Futhi umuntu ethatha isifungo uthatha ngomunye umuntu, isifungo, omkhulu kunaye. Futhi kwakungekho-muntu omkhulu kunoma Wayenjalo, ngakho iBhayibheli lathi Wathatha isifungo ngaYe uqobo, ukusigcina.

54 Cabanga ngakho manje. Wena uthi, "Awu, ukuba nje benginezibusiso zika-Abrahama, ukuba nje benginesithembiso esifanayo u-Abrahama ayenaso. . ." Wena unaso, uma uyinzalo kaKristu. Uma ufile kuKristu, wemukela uMoya oNgcwele; uyinzalo ka-Abrahama, ngoba uKristu uyiNzalo ka-Abrahama. Niyakubona na? Lokho kubeka ingaphakathi lethu lisebenze, ukukholwa kuNkulunkulu.

55 Manje, ukuba yinzalo ka-Abrahama awusoze wahlehla esithembisweni sikaNkulunkulu. Ubuyohlala njalo uzigcina izithembiso zikaNkulunkulu. Ubuyokwenza lokho kube yiqiniso, akunandaba ukuthi noma yini enye yayiyini. Yilokho u-Abrahama akwenza. Akunandaba ukuthi *Noma ubani* utheni, *Noma ubani* utheni, lokho akulutho. UNkulunkulu washo njalo, nalokho kuyakuxazulula. Yileyondlela inzalo ka-Abrahama ebukeka ngayo. Manje niyinzalo ka-Abrahama na? IZwi likaNkulunkulu malibe yiqiniso nelawo wonke omunye umuntu lingamanga. IZwi likaNkulunkulu!

56 Ngakho ngakho-ke, niyabo, uma uza kukho, uzisho ukuthi uyinzalo ka-Abrahama futhi ufulathele, akunakwenzeka. Ufulathela uNkulunkulu, futhi awusekho umhlatshelo osele ngokungakholwa kwakho. Sewuphelile. Niyabo?

57 Manje, Wasenza ku-Abrahama. Hhayi ukuthi, "Abrahama, uma uzokwenza into ethize, Ngizokwenza isizwe esikhulu futhi ngikwenze uyise wezizwe." Wathi, "Ngikwenzile." Khumbulani, isithembiso sasingumusa ngakho konke futhi akukho-mthetho oxutshwe kuso nhlobo. Akukho *o-uma* lutho nhlobo, kungukukhetha kukaNkulunkulu ngokoqobo kuka-Abrahama.

58 Manje, ngisho noma ungavumelani nokunye kwalokhu, nje—nje kucabange ngomkhuleko. Manje niyabo, akusikho okwenzile, lokho izifiso zakho eziyikho, kwakungesiso isifiso sika-Abrahama; wayengumhedeni. Khona wa-. . . Wehla evela embhoshongweni waseBabele, ezansi ezigodini zaseShinari nasezweni lamaKaledi nomuzi wase-Uri. Futhi waye—wayengumuntu ojwayelekile nje futhi akukho lutho u-Abrahama ayekwenzile, hhayi ngisho nezifiso zakhe, kodwa uNkulunkulu, ngomusa nangokukhetha, wakhetha u-Abrahama. Yileyondlela Akukhethe ngayo wena: Hhayi lutho olwenzile, lokho Akwenzile. Manje khumbulani, "Ku-Abrahama nenzalo yakhe."

59 Uma ucabanga ukuthi uzoba ngumfundisi, noma umKristu, ngoba abantu bakhuluma kahle ngawe, noma ujoyina ibandla ukuba uhlale emphakathini, noma, "leli yibandla elikhulu kunawo onke edolobheni," uyazikhohlisa nje, yilokho kuphela. Ungumuntu olusizi lapho sekuza ebuKristwini.

60 UNkulunkulu ukhetha ngokhetho. KwabaseRoma isahluko 9, isahluko 8, basho ukuthi ukukhetha kukaNkulunkulu kume kuqiniseke. U-Esawu noJakobe, ngaphambi kokuba noma yimuphi umntwana azalwe, babenendlela ngisho yokwenza isinqumo ukuthi babezokwenzani, uNkulunkulu wathi, "Ngiyamzonda u-Esawu futhi ngiyamthanda uJakobe," ngoba uNkulunkulu wayazi ukuthi babeyini ngaphambi kokuba izwe lize libunjwe. UNkulunkulu wakhetha wena kuKristu ngaphambi kokuba izwe lize libe khona, iBhayibheli lasho njalo, faka igama lakho eNcwadini yokuPhila yeWundlu. Hhayi lapho uza e-altare, kodwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe Wakwenza. IBhayibheli lasho njalo.

Umphikukristu ngezinsuku zokugcina, ekholwa kakhulu, ngisho nePentecostal, kuze kudukise nabakhethiweyo uma kwakunokwenzeka.

UBilly Graham wathi ngobunye ubusuku emlayezweni wakhe, wathi, "Udeveli ubhonga kakhulu useze udukise abakhethiweyo uqobo."

Ngacabanga, "O, o, Billy, wenze iphutha lapho." E-hhe, ungeke udukise abakhethiweyo, ngoba baphephile noKristu.

61 IBhayibheli lasho ukuthi lomphikukristu uyosondelana kakhulu ngangokuthi uyodukisa abakhethiweyo uma kwakunokwenzeka, nalokho ayokwenza ngezinsuku zokugcina, uyosondela kakhulu manje, ukuthi uyokwenza lokho. Futhi Wathi, "uyodukisa bonke phezu kobuso bomhlaba. . . " ISambulo, ngiyasicaphuna. ". . .abamagama abo angalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu kusukela ekusekelweni kwezwe." Leyo yinzalo ka-Abrahama. Ukukhetha kukaNkulunkulu, hhayi okwakho, okukaNkulunkulu. UNkulunkulu wakhetha wena. Awuzange

ukhethe uNkulunkulu; uNkulunkulu wakhetha wena, futhi wafaka igama lakho eNcwadini yokuPhila yeWundlu.

62 Lahlatshwa nini iWundlu na? Eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili eyedlula eKalvari na? Hhayi emehlweni kaNkulunkulu. WayeyiWundlu elihlatshiwe kusukela ekusekelweni kwezwe. Ngenkathi uNkulunkulu ebona i. . .lokho uSathane ayekwenzile, uhlelo lwaKhe lwendlalwa, futhi Wayazi ukuthi Wayezothumela iNdodana yaKhe, futhi Yayizoba yiNhlawulo ngezono zethu. Nasemqondweni kaJehova, ukunqoba, futhi. . .?. . .abantu baKhe, Wahlaba iWundlu emqondweni waKhe uQobo, ngaphambi kokusekelwa kwezwe futhi wafaka igama lakho eNcwadini njengohlengiwe. Udumo! Yilokho Akwenzile. UNkulunkulu wakwenza lokho. Manje-ke sesabani na? Hhayi ukuthi, "Uma uzo. . . "; "Ngikwenzile."

63 Khona-ke uthi ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, "Mfowethu Branham, uNkulunkulu angangiphulukisa na?" Uyinzalo ka-Abrahama, Ukuphuluki*sile*. "Ungabeka izandla zakho phezu kwami ngendlela uMfowethu Roberts enza ngayo na?" Lokho akuhlangene ngalutho nakho, iphuzu nje lokuxhumana.

64 Kanye, intshumayelo yomuntu uqobo yathi, "Beka isandla sakho phezu kwengemuva lesihlalo esingemva kwakho." Manje, isihlalo asinakho ukuphulukisa kuso. Niyabo? Ngukukholwa kwakho emsebenzini osuqediwe, ukuthi usuvele uhlengiwe. "Ya*li*nyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaYo *sa*phulukiswa thina."

65 "Mfowethu Branham, ngizophulukiswa kulobubusuku na?" Usuvele uphulukisiwe. UNkulunkulu wathumela uMoya oNgcwele. Wathumela abelusi benu, futhi bashumayela iZwi; lalelani. Futhi Uthumela iziphiwo zezilimi, ukuhumusha, uthumela abaprofethi neziphiwo zesiprofetho, nakho konke, ezama ukunidonsela endaweni. Umelusi angeke akuphulukise. Ukukhuluma ngezilimi akukuphulukisi. Ukuhumusha akukuphulukisi. Umprofethi akakuphulukisi. Ezinye iziphiwo azikuphulukisi, zikhomba wena kuphela, uma kuyisiphiwo seqiniso, sikukhomba kuphela lapho owaphulukiswa khona, ngokuba uyinzalo ka-Abrahama, futhi wawusuvele uphulukisiwe futhi wasindiswa. Futhi yingakho uMoya oNgcwele ungqongqotha enhliziyweni yakho.

66 "Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi." Kunjalo. Manje, yingakho sishumayela iVangeli. Yilokho engikuvezayo lemizamo. Yilokho abanye abefundisi abaveza imizamo yabo, ngukuzama ukushwiba leyonetha enkulu, uyidonsele ngaphakathi, futhi ubone ukuthi yini. Angazi; abanye abefundisi abazi; sidoba ngamanetha nje.

67 "UMbuso kaNkulunkulu ufana nomdobi, waya enetheni. . . wathatha inetha wayeseya olwandle wayeseyiphonsa phakathi.

Ngenkathi edonsa wayenamaxoxo, izimfudu, izinyoka, izilwembu, nezinhlanzi." Bhekisisani ukuthi kwenzekani. Ukuthonya kweVangeli kubamba abaningi.

68 Futhi nje cishe ngeviki lokuqala kamuva, inyoka endala yathi, "Manje bukani, uma ngizodingeka ngenze konke lokhu okunye, ngiyeke amakhadi ami, ugwayi wami, mm"; usho ubuyela ngqo emanzini.

69 UNkk. Lwembu Lwamanzi uhlezi lapho, futhi uyaqalaza, uthi, "Hhe! Usho ukuthi angikwazi ukuba namaklabhu ami, futhi ngenze lezizinto lapho, futhi ngifanele ngisuse upende wobuso wami, ngiyeke izinwele zami zikhule, futhi ngikhumule izikhindi zami, izinto na? Hhe!" Gxumbu! Gxumbu! Gxumbu! "Ingulube nje ekuzibhixeni kwayo nenja ebuhlanzweni bayo."

70 Manje, wayeyini na? Wabanjwa enethini, wakhushulelwa e-altare, naye wabanjwa, kodwa wayeyinyoka kwasekuqaleni. Yisicabucabu kwasekuqaleni nje. Inetha yayingahlanganise lutho nakho; kuphela yamdonsela phezulu lapha. Nenhlanzi yayiyinhlanzi kwasekuqaleni. Niyabo? Kunjalo impela.

71 Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi. Niyabo? O, abanye babo bahlakaniphile futhi bafundile futhi banobuqili njengoba bengaba njalo. Lokho akuhlangene nakho. Yintobeko noMoya oNgcwele, eqondisa, ehola. Futhi Akasoze akuhole nangelilodwa izwi usuke kuleloBhayibheli. Uyokugcina usemgqeni ngqo naleloBhayibheli. Yebo, mnumzane, kanye neBhayibheli ngqo.

72 Lapho ubona umBhalo, futhi ubona lapha, nalapha, nalapha, nalapha, futhi ubuza umelusi wakho ngakho, uthi, "Awu, lokho kwakungokolunye usuku." Uma ungumntwana kaNkulunkulu ungeke ukukholwe lokho, qhabo, mnumzane.

73 Ngenkathi Lithi, "UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade; imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza"; niyabona ukuthi Wayeyini, niyabo isithembiso lapha, umelusi uthi, "Awu, lowo ngumbhedo, akukho lutho kulokho." Ungeke ukukholwe, ngoba awusilo ulwembu noma inyoka, uyinhlanzi. Niyabo? Nakho-ke. Awusiyo imbuzi, noma ingulube, uyiwundlu.

74 Nejuba alikwazi ukukhanyisa lutho ngaphandle kwewundlu. Yimvelo efanayo. Into enkulu kunazo zonke. . . Ngikholwa ukuthi ngawushumayela lowomlayezo phezulu lapha ngesinye isikhathi: *IWundlu neJuba*. Ngumlayezo omkhulu kunayo yonke engake nganikwa wona weNkosi. Ngenkathi uNkulunkulu ezimele Yena uqobo, Wazimela Yena uqobo evela eZulwini, inyoni, emnene kunazo zonke izinyoni, ijuba. Futhi uNkulunkulu noMoya oNgcwele unguMuntu ofanayo uqobo. Uma kungazange, uJesu wayenobaba ababili, kuMathewu 1:18 wathi, "Lokho okukhulelweyo kungokukaMoya oNgcwele." Wayengesuye umntwana wesihlahla. Wazalwa nguNkulunkulu ngakho konke, ngakho Wa—Wa—WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Kunjalo.

75 Ngakho, ngenkathi Efika ehla evela eZulwini, hhayi abanye abantu abathathu phezulu ngaleya bekhuluma, kodwa babona uMoya kaNkulunkulu njengejuba. WawuyiLowo-ke uMoya, hhayi umuntu wesithathu ekhuluma. Akusibo oNkulunkulu abathathu, kunezikhundla ezintathu zikaNkulunkulu ofanayo: uNkulunkulu uYise, eNsikeni yoMlilo; UNkulunkulu iNdodana, enyameni yomuntu; uNkulunkulu uMoya oNgcwele kuwe, uNkulunkulu ofanayo. UJesu wathi, "Ngalolosuku niyokwazi ukuthi NgikuBaba, uBaba ukiMi, naMi ngikini, nani nikiMi." UNkulunkulu, ezama ukubuyela enhlanganyelweni nesidalwa saKhe Asidala ensimini yase-Edene.

76 Angeke angayilaleli imithetho yaKhe uQobo. Amadoda ayenesono. Ngenkathi Ehlala eNtabeni yaseSinayi, uma ekhona othinte intaba, ufanele agwazwe ngomcibisholo. Kodwa ngenkathi Enziwa inyama, sasingaMthinta. Manje Uba yingxenye yethu, niyabo, ukusihola nokusihola ngokusiqondisa, ahlanganyele nathi futhi.

O, he, he, ukuthi kungamathizethize kanjani nokungahloniphi ukuthi abantu bathatha iZwi likaNkulunkulu futhi balenze.

77 Bese kuthi-ke, omunye athole ukukhanya okuncanyana kuLo, bese egijima ngapha futhi ahlele futhi enze inhlangano futhi aqophisane nomfo oseduze. Awusho ngani nje ukuthi ikhona indawo yethu sonke na? Sonke masimashe sibheke ngaseSiyoni. Asihlukene! SingamaKristu: amaMethodisti, amaBaptisti, amaPresbyterian, iLuthela, iPentecostal, i-Oneness, iTwoness, iThreeness, i-Assemblies, iChurch of God, onke. Asihlukene. SingamaKristu. Lapho semukela uKristu njengoMsindisi oqondene nathi, futhi sigcwaliswe ngoMoya oNgcwele, singumkhiqizo kaNkulunkulu obekwe uphawu.

78 Kwabase-Efesu 4:30, uthi, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele enibekwe uphawu ngaye kuze kuba omunye akuhlanyise; awu, noma iminyaka emibili noma emithathu; uze ungamlaleli uNkulunkulu kanye." Qhabo. Ungahle ukuthole lokho kwiLadies Birthday Almanac endala, kodwa awukutholi eZwini likaNkulunkulu. "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu enabekwa uphawu ngaye kuze kube luSuku lokuhlengwa kwenu."

79 Isiphetho sakho saPhakade sinqunywa nguNkulunkulu, bese-ke ubekwa uphawu phakathi lapho. Yileyondlela Enza ngayo u-Abrahama. U-Abrahama waMkholwa futhi wa… kwabalelwa kuye kube ngukulunga, khona-ke Umnika uphawu lokusoka njengesiqinisekiso, "Ukuthi Ngikwenzile! Uyimpahla yaMi!" Amen. Yilokho-ke.

Manje, uGenesisi isahluko 12: hhayi, "Uma uzo…"; "Ngikwenzile."

80 Manje, asiye kuGenesisi isahluko 15, yilapho Aqinisa khona isivumelwano ku-Abrahama. Manje lalelisisani. Waqinisa isivumelwano, noma wasayina isivumelwano no-Abrahama, esahlukweni 15 sikaGenesisi.

81 Manje, sithola ukuthi u-Abrahama wathi, "Nkosi, Uzonginikani, lokhu ngihamba ngiyinyumba. . . " Usezoba yindoda endala; lokhu kwaba yiminyaka eminingi kamuva. Wathi, " . . . lokhu ngihamba ngiyinyumba nendlalifa yendlu yami ngu-Eliyezeri waseDamaseku. Uzonginikani na?"

82 Futhi uNkulunkulu wamtshela ukuba athathe imbuzi yesikazi eneminyaka emithathu ubudala, isithokazi esineminyaka emithathu ubudala, nemihlatshelo yakhe, nemvu eneminyaka emithathu ubudala, inqama, nokukhuphuka; wayesehlukanisa leyomihlatshelo yavuleka, wayesethatha ijuba nehobhe.

Niyangizwa na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile, ngizoba . . . Ngifuna nithole lokhu manje.

83 Manje, Uzoqinisa lesisivumelwano ku-Abrahama, noma asayine isivumelwano naye. Usevele umtshelile, "Ngizokunika sona." Leso yisithembiso. Manje, Uzosisayina futhi afakazise ukuthi Uzokwenza kanjani. Ngakho u-Abrahama wenze zonke lezizinto, futhi wabhekisisa imihlatshelo, wavimba izinyoni kuyo laze lashona ilanga. Aba . . . Umhlatshelo awufanele wonakaliswe, niyazi. Ngakho, wazivimba izinyoni laze lashona ilanga. Futhi lapho ilanga selishonile (manje lalelani) okujulile, ubumnyama obesabekayo bobuthongo bufika phezu kuka-Abrahama. Niyakukhumbula lokho na? Lokho kumele ukufa kuwo wonke umuntu. Futhi phambi kwakhe kwakukhona isithando somlilo esishunqayo. Sonke isoni sifanele ukuya esihogweni; kodwa ngaleya kwalokho kwahamba okuncane, ukuKhanya okumhlophe. Niyabo?

84 Wonke umuntu ufa ukufa kokwehlukana, nesihogo singukubhubha kwakhe. Kodwa ngaleya kokufinyelela kulokho kwahamba okuncane, ukuKhanya okumhlophe. Babhekisiseni. Bangena phakathi kwaleyomihlatshelo; phakathi kwe—kwembuzi yesikazi, isithole, inqama. Wa—Wathatha futhi wangena phakathi kwabo, eqinisekisa ku-Abrahama Ayezokwenza.

85 Manje, wonke umfundisi wasesontweni, lapha noma yikuphi, uzovuma, uDkt. Scofield, lapha, uyakuvuma, bonke abanye abefundisi basesontweni abakhulu uyazi ukuthi lokho kungenkathi uNkulunkulu eqinisa isivumelwano no-Abrahama.

86 "Manje, Wayenzani, Mfowethu Branham na? Nibiza lokhu ngokuqiniswa kwesivumelwano. Wayenzani na?" Nakhu Akwenza: Wayefakazisa kuye ukuthi Wayezokwenzani ngaye.

87 Manje, senzani lapho senza isivumelwano omunye nomunye noma sisayina isivumelwano omunye nomunye na? Ngokwejwayelekile, singahle siphume futhi sibe nesemishi ndawonye, inkomishi yekhofi, noma okuthize, bese kuthi-ke, emva kokuba sekwedlule konke, siyakhuphuka, bese sibambana ngesandla, sithi, "Xhawula, mfana!"

"Kulungile. Ngizovuma. Ngizovuma ukuthi ngizokwenza i*nto ethize*."

88 Uma ngenze isivumelwano no—nomunye umfowethu nge, njengoMfowethu Gene Goad ohlezi lapha, ngizothi, "Mfowethu Gene, ngoLwesibili ngizohamba nawe ezansi eKentucky emsebenzini *othize*."

"Kulungile, Mfowethu Branham, kubeke lapha." Niyabo? Leso yisivumelwano.

89 Uma laba bafowethu ababili base-Arkansas behlezi lapha, uma ngithi, "Ngi..." Kade bengincenga iminyaka embalwa edlule ukuba ngize e-Arkansas futhi. Uma ngikubizile phezulu lapha ngase ngithi, "Mfowethu..." Angiwazi ngisho amagama enu. Kodwa uma ngithi, "Ngizokwenza isivumelwano nawe, isithembiso sokuthi ngeviki elizayo ngizokwehlela e-Arkansas..."

"Ngiyabonga, Mfowethu Branham." Kuyisivumelwano, isivumelwano. Yileyondlela ebesingasisayina ngayo, ngokuxhawulana. Akunjalo na?

90 Manje, eJapani, niyazi ukuthi benza kanjani isivumelwano, omunye nomunye na? Baxoxisana ngezinto, bese-ke bethatha uphiso oluncane lukasawoti bese bephosa usawoti komunye nomunye. Lokho ngukuthi, usawoti unokuphila. Niyabo, uyaxhumana, uyabamba: usawoti uyagcina. Futhi yileyondlela abaphosa ngayo usawoti komunye nomunye.

91 UJesu wathi, "Nina ningusawoti womhlaba." Niyabo? Futhi lapho benza isivumelwano, omunye nomunye, baphosa usawoti omunye komunye. Lokho kusho ukuthi isivumelwano sabo sifanele sigcine. Usawoti uyabahlanganisa, usigcina singonakali. Akukho okungonakalisa isivumelwano sethu. Yisivumelwano; ukuxhawulana kwethu kuyinhlanganyelo. "Siyavumelana phezu kwezisekelo zenhlanganyelo, ukuthi sizogcina isivumelwano sethu omunye nomunye. Usawoti uzosigcina isivumelwano sethu, ngoba ngeke sonakalise noma sonakale. Isivumelwano sethu siyohlala sigciniwe."

92 Kodwa ezinsukwini zika-Abrahama kwakwehlukile. Manje, ngenkathi benza i—isivumelwano ngalezozinsuku, abakwenzile, kwakungukubulala umhlatshelo, bawuhlukanise uvuleke, bahambe bangene phakathi kwawo, futhi khona-ke babengenalo iphepha. Iphepha lalisanda nje, eminyakeni embalwa edlule, laqanjwa yi—yimivi eyayakha izidleke zayo ngempuqumpuqu evela esihlahleni. Kodwa babengenalo

iphepha, kodwa babene...babeka onke amaphepha abo esikhumba nokunye nokunye ezikhumbeni, isikhumba sewundlu. Babesishuka, bese-ke bedweba lezizinhlamvu bese—bese benza...futhi babhale imibhalo yabo. Yonke imibhalo emidala yasendulo kuphakathi kokuthi yayisedwaleni noma esikhunjeni.

93 Ngakho-ke bakuthatha phakathi kwedwala noma isikhumba, futhi benza lesisivumelwano omunye nomunye. Base-ke behamba bengena phakathi kwalemihlatshelo, lezizicucu ezimbili zesilwane esifile, bese-ke behlakaza lokhu kabili, noma badabule kabili. Omunye wathatha owodwa, nomunye, omunye; futhi bafunga: "Uma sephula lesisivumelwano phakathi kwethu, imizimba yethu mayibe njengalomhlatshelo omele sona." Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

94 Manje, wayenzani uNkulunkulu na? Wayekhombisa ku-Abrahama lokho Ayezokwenza esikhathini esizayo ngenzalo ka-Abrahama, okungukuti wayengakabi naso. O, mfowethu, wayengakabi naso okwangaleso sikhathi, kodwa wayenesithembiso, futhi leso kwakufana nokuthi sesenziwe. Amen.

Uthi, "Awu, isandla sami sikhubazekile."

95 "Ngiyinzalo ka-Abrahama. Angisasiboni isandla sami kanjalo. Kufana nokuthi sekwenziwe; UNkulunkulu wakwethembisa kimi. Sekuphelile. Akunandaba ukuthi isandla sami siyini, siyilokho uNkulunkulu akusho." Leyo yinzalo yangempela ka-Abrahama.

Udokotela uthi, "Alikho ithuba lakho lokuba usinde."

"Nkosi, kuthiwani ngalokho na?"

UBaba uyakhuluma aphendule enhliziyweni yakho, "NgiyiNkosi ephulukisa zonke izifo zakho."

96 "O, dokotela, uyindoda ekahle, kodwa sekuphelile. Ngiphulukisiwe. UNkulunkulu washo njalo." Lelo yiqiniso. Leyo yinzalo ka-Abrahama. "UNkulunkulu washo njalo. Sengiphulukisiwe." Yebo, mnumzane.

"Ungadla okwamanje na?"

"Akwenzi mehluko, ngiphulukisiwe noma kanjani." Niyabo? U-Abrahama walinda iminyaka engamashumi amabili nanhlanu ukuba lesosithembiso sifike, waqina ngaso sonke isikhathi.

97 Singena emgqeni womkhuleko, sikhulekelwe. Uthi, "Awu, ngisenawo lawomajaqamba. Ngi—ngisazizwa kabi. Angisakwazi ukuhamba." Inzalo ka-Abrahama! Inzalo ka-Abrahama iphika noma yini ephambene nakho, uma kwembulwa kuwe.

98 Manje, angikaze ngiphulukise umuntu empilweni yami; kanjalo no-Oral Roberts, noma uTommy Hicks, noma ubani

omunye, kumbe noma yimuphi omunye umuntu ezweni owake waphulukisa umuntu. Ku. . .Uyabona uzama ukwenza umuntu abe ngothile omkhulu. "O, uMfowethu u*S'bani-bani* babeka izandla zabo phezu kwami. Whewu! Uhlevane lugijima kimi." Lokho kwakungumuzwa nje, yilokho kuphela. Awuphulukiswa ngamadlingozi; uphulukiswa ngokukholwa. Awudingi ukuzwa lutho. Awuzwa lutho, ngaphandle uma kungumuzwa. Uyakholwa.

99 UJesu akazange athi, "Nikuzwile na? Nikuzwile na? Nikuzwile lokho na?" Ngitholele umBhalo owodwa walokho. Wathi, "Ukukholiwe na?" Ukukholwa, uNkulunkulu washo njalo.

"Ngingeyakhe. . .inzalo ka-Abrahama. Ngiyamkholwa uNkulunkulu. Lokho kuyakuxazulula."

100 Ngakho, niyabo, akusuye omunye umphulukisi omkhulu ofika edolobheni. Umelusi wakho unegunya elifanayo lanoma yiyiphi enye indoda, umakhelwane wakho, udadewenu ongumKristu, umfowenu ongumKristu, bonke be. . .noma ubani. Noma ubani unelungelo lokukukhulekela. IBhayibheli lathi, "Vumani amaphutha enu komunye nomunye futhi nikhulekelane." Kunjalo, sonke. Niyabo?

101 Kodwa sizama ukwenza enye indoda ibe nkulu kakhulu, futhi kusibize isigidi samadola, cishe impela, ukuxhasa uhlelo. Ungakutholi uphulukiswa. Ngukukholwa kwakho uqobo kuNkulunkulu okwenza ukuphulukisa. Uma nje ukukholwa Akusho lapha, Wavele nje waloba isivumelwano nawe. Ukunika uMoya oNgcwele ukuba ube yisiqinisekiso. O he, yilokho-ke. Niyabo?

102 Yingalesosizathu ngingathandi ukubeka izandla phezu kwabantu: omunye uthi, "UMfowethu Branham, wabeka izandla phezu kwami. Udumo kuNkulunkulu." UMfowethu Branham wayengahlanganise lutho nalokho. Ningabeki izandla zenu phezu kwami, noma mina phezu kwenu. Beka izandla zakho kuYe ngokukholwa futhi ukukholwe. Kulapho-ke. Mm?

103 Cela umelusi wakho ukuba akukhulekele. Umkhuleko uguqula izinto. Wenzani na? Awukuphulukisi, ukunika ukukholwa ukuba wemukele lokho osekuvele kwenziwe: ukuphulukiswa kwakho. Niyakuqonda na?

104 Manje, Wayethini ku-Abrahama na? "Ngizothatha isivumelwano kanje, Abrahama." Futhi Wathatha u-Abrahama futhi wamkhombisa ukuthi Wayezokwenzani ngoJesu Kristu, iNzalo ka-Abrahama. Isizathu ngo-Abrahama kufika u-Isaka, nakuba u-Isaka kufika uKristu. NgoKristu, uMhlatshelo ophakeme wenziwa. Zonke lezi ezinye kwakuyinzalo yemvelo, u-Israyeli, u-Israyeli, u-Israyeli, u-Israyeli. Kodwa ngoKristu wavula iveli kumJuda noma oweZizwe, umGreki, oyisigqila noma okhululekile, owesilisa noma owesifazane, ukuze sonke

singene eNkazimulweni yeShekina, okwakungeyamaJuda kuphela, kodwa manje ingeyalowo othandayo, makeze, makeze.

105 Leyo kwakuyiNzalo uNkulunkulu ayekhuluma ngayo. Wenzani ngaleyoNzalo na? WaMyisa eKalvari. WaMdabula wahlukana. Wafa ngaphansi kwezahlulelo, izahlulelo zobuNkulunkulu zikaNkulunkulu. Sonke siyakwazi lokho, njengamaKristu. Wenzani na? Wavuka; Wadabula umphefumulo waKhe emzimbeni waKhe. UMoya waKhe, ukuPhila kwaKhe, kwaphuma emzimbeni waKhe. Amanzi, iGazi, noMoya kwaphuma emzimbeni waKhe. Futhi ngosuku lwesithathu, uNkulunkulu wavusa umzimba waKhe wase ewubeka ngakwesokunene saKhe eZulwini, wase ethumela uMoya uphuma kulowomzimba ubuyele kithi.

106 Manje-ke niyabona ukuthi Wayenzani na? Ihlelo na? Uma wethembele kulokho, ulahlekile. Yinye kuphela into eyoke i . . . Lapho lezo zivumelwano zihlangana ndawonye, lezo zinhlamvu zamagama, indlela ezazidatshulwe ngayo, zazifanele zihlangane okwesisila sejuba, lonke uhlamvu lwegama nalo lonke ucezu lokudatshuliwe, okudabukile, isikhumba semvu noma idwala kwakufanele kuhlangane okwesisila sejuba ndawonye. Akukho okwakungangena esikhundleni sakho. Kwakufanele kufane ncamashi nje ekuqinisekeni lokhu. Uma baletha esinye isiqephu futhi bazama ukusenza, e-e, sasingeke sihlangane naso. Kwakufanele kuhlangane ncamashi nje ngendlela *o*kwakuyiyo.

107 Futhi lapho ibandla lihlengiwe futhi livuka ekuvukeni . . . SinguMlobokazi kaKristu. Ngisho lokho ngenhlonipho yokuzithoba, ngethemba ukuthi sinjalo, ngikholwa ukuthi sinjalo: ngokukholwa sinjalo. UMlobokazi kaJesu Kristu uzofanele ube noMoya ofanayo *kuwo*, ukuthi enye ingxenye yesivumelwano owawunaso ngenkathi Ulapha emhlabeni. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? UNkulunkulu wakuqinisekisa.

108 Khona-ke ukuPhila okufanayo okwakukuJesu kuzoba seBandleni laKhe, neBandla lizobe lenza izinto ezifanayo uJesu azenza. "Okholwa yiMi imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza." Khona-ke ongakholwayo ubengayibona kanjani imisebenzi kaNkulunkulu futhi ayibize ngo "Belzabule, ukufunda ingqondo, noma . . . "? Bona imisebenzi yeNkosi yethu. Kanjani . . . kungukuthi—kungukuthi . . . O, ohlakaniphile, ofundile, impela, kodwa kude ngamamayela ayisigidi ezintweni zikaNkulunkulu. Niyabo?

109 Waqinisa isivumelwano kuGenesisi isahluko 15. Niyakuthola lokho phandle lapho, ngamunye wenu manje na? UGenesisi isahluko 15, Waqinisa iZwi. Futhi khumbulani, lalelani manje, Akazange akuqinisekise kuye waze walalela uNkulunkulu ngokuphelele. Futhi Angeke akuqinise kuwe, uze unikele ngokuphelele yonke into.

Manje, ngifuna nikugcine lokhu engqondweni. Udadewethu omncane ongumAmish, noma umDunkard, umMennonite, noma ngabe kuyini lapho, niyakuthola, ngiyethemba.

Manje, Waqinisa iZwi. Manje, asihambe futhi . . . O, besingahlala nje lapha amahora, kodwa asinaso isikhathi.

110 Manje, asiye kuGenesisi isahluko 17, kulungile, ngenkathi Emnika amandla okuqina. Manje kuGenesisi, isahluko 17, ivesi 1, uNkulunkulu wabonakala ku-Abrahama njengoNkulunkulu uSomandla. U-Abrahama wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye ubudala. USara wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye ubudala. Futhi kusukela eneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu, noSara, enamashumi ayisithupha-nanhlanu, babekade belindele lesisithembiso; beya ngokuqina ngaso sonke isikhathi ukuthi uNkulunkulu wayezokwenza. Abazange bagudluke kulokho ababekukholwa. Yileyo indlela.

111 Manje, ubone uNkulunkulu wabona ukuthi wayezimisele ukubambelela. O, malibongwe iGama leNkosi. Lapho uNkulunkulu ebona inhliziyo yakho, lapho Ekukhombisa okuthize, futhi kungakhathaleki ukuthi noma ubani omunye uthini ngaKho, YiZwi laKhe futhi uhlala naLo, ungafulatheli ngamabomu, ungalinaki iqiniso, kodwa uhambe kuLo. "UNkulunkulu washo njalo!"

112 UNkulunkulu unguMoya. Uhola abantu baKhe ngoMoya nangeQiniso, neZwi laKhe liyiqiniso, noJesu wayeyiZwi laKhe. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu."

113 Manje, Ubonakala kuye lapho njengo "Nkulunkulu uSomandla." Kusukela egameni lesiHeberu ngu-*El Shaddai*, okusho ukuthi, *Shadd* kusho "ibele" ngesiHeberu. Manje, Wayengesuye "uNkulunkulu wamabele," kodwa u*Shadayi*, okungukuthi ubuningi, "uNkulunkulu onamabele." "NginguNkulunkulu onamabele, uMnikezeli wamandla, Owenele, uMnikezeli wokuPhila."

114 Ngamany'amazwi, Wabonakala ku-Abrahama eneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye. Futhi u-Abrahama wayengaseyena umuntu, ukhuluma ngamagama omuntu, kunengane encane, encanyana encelayo eyayingaba yikho, eyayigula: ubudoda bakhe babungasekho. Nesizalo sikaSara sasifile. Kodwa Wathi, "Ngingu-El Shaddai. Ngingonamabele, umama Nkulunkulu."

115 Njengengane encane, iyagula futhi iyatatazela, amandla ayo asephelile, ilahlekile, ilele phandle lapho, igula kakhulu; nesikhumba sayo sinwebeke sonke phakathi, njengalezozingane ezincane eNdiya, engizibonile.

116 Kungukubona okudabukisa kakhulu: Isisu sazo esincane sivuvukele ngenxa yendlala; umama omncane elele lapho, efa. Izinsini zengane encane, nje ezibenyezelayo, ubona izinsini zayo ngezindebe zayo, yonke inyama ayisekho. Ugebhezi lwazo oluncane, lapho luhamba khona ndawonye, ungalubona lulele lapho. Ayisakwazi ukukhala, seyilambile kakhulu. Umama, efinyelela kuwe, ingane, "Ithathe." Awu, uma uthatha lena, buka izinkulungwane zezinye zilele lapha.

Futhi thina maPentecostal sakha izigidi zamadola ezakhiwo, futhi, "O, impela, niyabo, singamaKristu angempela."

117 Angikuboni mina uqobo. Qhabo. Ukuhhala okwenele ukuzondla. Manje, lokho akusikho lokho omunye umuntu angitshele khona. Yilokho engikwaziyo mina uqobo. Ngi—ngibe lapho. Yileyo i—imali abantu abanginika yona ngeminikelo yothando: Ngenzenjani ngayo na? Ngiya lapho ukuba ngibaphakele futhi ngibanike ukudla, futhi ngibatshele ngoJesu. Kunjalo impela. Akukho lutho . . . Asinalutho lapha. UJesu, ngiyakholwa uyeza masinyane; Anginaso isikhathi sezinto ezinkulukazi nalezi uhlobo lwezinto lapha.

118 Asiyise umlayezo kwabafayo. Yilokho Asilindele ukuba sikwenze. Uyilokho-ke umlayezo, "Hamba. Hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli."

119 Hhayi ukuthi, "Hambani nenze izinhlangano, nakhe amahlelo, futhi nakhe izakhiwo ezinkulu, nezinto." Lokho kulungile. Angimelene ngalutho nakho, kodwa akusikho okwashiwo nguJesu. Akazange athi, "Hambani nenze izinhlangano. Hambani niyokwakha amabandla amakhulu, izakhiwo ezinkulu."

120 Wathi, "Nishumayele iVangeli . . . " Liyini i*Vangeli* na? "Amandla nokubonakalisa kukaMoya oNgcwele." Manje, bhekisisani isihlanganiso. " . . . *ne* . . . " Isihlanganiso sibopha umusho ndawonye. " . . . lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

121 Ungeke nje wathatha iZwi lodwa. Ufanele ube nento yokukwesekela, ukwenza lezozibonakaliso zisilandele. Ningahambi nifundise abahedeni. Hambani nishumayele iVangeli, nibonakalise amandla kaNkulunkulu phambi kwabo. Kodwa senze ezinye izinto. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

122 Manje, ingane encane, i . . . U-Abrahama wayenjengaleyongane encane, isisu savuvukala. Onke amathemba lalingasekho. Kodwa, "Ngingu-El Shaddai, vele wencike phezulu lapha esifubeni saMi, bese uzincelela ubuyele emandleni futhi." O, nzalo ka-Abrahama! Yilokho Akwenzayo kuwe. Lesi yisithembiso saKhe. Ungathathi into ethize embumbulu kukho; thatha isithembiso. Ungathathi lokho noma ubani omunye angasho utho ngakho. Onke amazwi

omuntu mawabe amanga, akunandaba ukuthi kuyiqiniso futhi kufakazelwe ngokwesayense kanjani ukuthi kunjalo, iZwi likaNkulunkulu malibe yiqiniso. Yenyukela ngqo ebeleni likaNkulunkulu.

123 Onamabele: ITestamente eLisha neLidala, "...yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo saphulukiswa thina." Uma une—nesikhala sokuphumula kulelo bele, ukuthi Ukuphulukisile, khona-ke libambe. Yini isikhala sokuphumula na? "Ngemivimbo yaKhe siphulukisiwe thina." Lokho kuya enzalweni ka-Abrahama.

124 Wena uthi, "Anginawo uMoya oNgcwele." Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu. "Ukuphenduka, umbhaphathizo, khona niyakwamukeliswa uMoya oNgcwele. Isithembiso ngesenu nesabantwana benu, labo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Ibele livulekele noma ngubani ozokukholwa.

125 Uma ugula futhi udinga, hhayi ukuthi, "Ngizokwenza uma uzokwenza u*kuthi-nokuthi*." Sekuvele kukhokhelwe, ukuphakelwa kokudla. Ukudla sekuvele kukhokhelwe. UJesu wakukhokhela.

126 "NginguNkulunkulu onamabele. Woza noma ubani othandayo: iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, nawo onke. Yencika esifubeni saMi, NginguNkulunkulu onamabele ukwenzela abantwana baMi, inzalo ka-Abrahama." Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

127 Nengane encane...Akusikho kuphela ukuthi UnguNkulunkulu onamabele, UnguMenelisi. Ingane encane ibamba ibele likanina...Ngethemba ukuthi lokho akucacile kakhulu ezethamelini ezixubile. Kodwa ingane encane ibamba ibele likanina, ayidonsi kuphela amandla ayo kunina, kodwa yenelisekile ngenkathi ikwenza. Iyazi ukuthi ngumama wayo. Haleluya!

128 Futhi owesilisa noma owesifazane ongencika esifubeni sikaNkulunkulu: "Lowo nguBaba wami Owadala amazulu nomhlaba. Wangenza. Wangenza isidalwa esisha emva kokuba Engenze isidalwa sesikhathi. Manje Ungenza isidalwa sePhakade. Kwaba nguYe Owanikeza isithembiso. Ngenelisekile. Angikhathali uma isisu sami sibuhlungu, ikhanda lami libuhlungu, izandla zami zikulendlela noma leyondlela; Ngenelisekile, ngincela esithembisweni sikaNkulunkulu uSomandla. Leso yisithembiso saKhe. Amen." Amen! Mnikezeli-Mandla. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

"...fa. Uzofa."

"O, angifuni ukufa. Angifuni ukufa. O, angifuni ukufa," ekhala.

129 Into yokuqala niyazi, elihashazayo, iPhimbo elincane ngentshumayelo, ngokufunda iZwi, emkhulekweni ndawondawo, "NginguMphulukisi wakho. Ngingu-El Shaddai."

"O, ngabe—ngabe lokho . . . ?"

"Ngalinyazwa ngenxa yeziphambeko zenu, ngemivimbo yaMi waphulukiswa."

"Awu, ngizoba nani . . . ?"

"Lutho. Lutho, sekuvele kuphelile, into kuphela ofanele uyenze ukukwamukela."

130 "Awu, uma ngizo—uma ngizophinde ngijoyine . . . uma ngizoshiya i-Oneness futhi ngijoyine i-Assemblies, noma ngijoyine i . . . ngishiye i-Assemblies futhi ngijoyine i-Oneness, Uzo . . . Uzo . . . ?"

131 Akuhlangene ngalutho nalokho. Lokho akuhlangene nakho. Awudingi ukujoyina lutho. Usevele ufakazile ukuthi ungumntwana waKhe. "Ncika esifubeni saMi. Qhubeka nje uncela."

O . . . Udokotela uyafika, athi, "Awu . . . "

132 "Dokotela, uyazi, kukhona engifuna ukukutshela khona. Ngifuna ukukukhokhela ngomsebenzi wakho wesayense. Impela usize kakhulu futhi wanginika induduzo eningi, kodwa lapho usufike ekugcineni kwentambo yakho, u—u . . . yilokho kuphela obungakwenza."

"Ya. Ngi . . . u . . . uzo—uzofa. Usungahle nje wenze . . . "

"Awu, dokotela, ngisayina lelisheke futhi ngikunike lona, kodwa ngifuna ukusho okuthize, dokotela: Angizukufa."

"Uyini na?"

"Angizukufa."

"Wazi kanjani ukuthi awuzukufa na?"

"Ngincela amandla ami emuva ku-El Shaddai." E-hhe. "Ngi . . . "

133 "O," bayaphuma bese bethi, "bayekeni. A—angeke kubalimaze. Bayeke kanjalo nje. Bayo—bangeke . . . Konke ku . . . Bazofa noma kanjani." Kodwa uyazi ukuthi ukhuluma ngani. Lala khona lapho!

"Wazi kanjani na?"

"Yisithembiso."

"Abrahama, wazi kanjani ukuthi uzoba naleyongane na?"

"Yisithembiso." Niyabo? El Shaddai.

"Awu, wenzeni . . . ?" emva kokuba ususindile. "Wenzeni . . . ?"

"Lutho, lutho."

"Wamkhokhela umshumayeli na?" Uma ukwenzile, wenze okungalungile. "Ngabe u... Wenzeni...?"

"Angidingekanga ukuba ngenze lutho."

"Ngani na?"

134 "Sekuvele kwenziwe. Ngakukholwa nje. Wakhuluma kimi, wangibiza, futhi ngemukela isifuba, futhi manje sengiphilile." Bangaki abake bazibonela lokho na? O, Mfowethu, impela.

135 Manje, asinaso nje isikhathi esenele uku—uku—ukushumayela ngendlela engithanda ukushumayela ngayo. Angisuye umshumayeli kakhulu, kodwa ngiyathanda ukukhuluma ngalokho engikwaziyo. Niyabo? Bukani, manje, asithathe lokhu.

136 Manje, wenzani na? Manje, kinina enigcina imiBhalo yenu. Manje, senziwa yini isivumelwano na? Manje sizoshintsha indlela yokuma lapha umzuzu nje esahlukweni esilandelayo.

137 Manje, Wenzani na? Yenza isivumelwano no-Abrahama, usisho nami, "U-Abrahama nenzalo yakhe." Yini inzalo ka-Abrahama na? Owesilisa ozelwe ngokusha o... nowesifazane ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele.

138 "O manje, Mfowethu Branham..." Kulungile, sizobona ukuthi Wasigcina yini isithembiso saKhe. U-Abrahama, kuGenesisi 12, walungisiswa, wabizelwa ngaphandle ngokulungisiswa, futhi walikholwa iZwi likaNkulunkulu. Ngabe kunjalo na? Lalinjalo nebandla kuMartin Luther. Kunjalo na? UGenesisi isahluko 15, Wamehlukanisa ngenkathi elalela ngokuphelele futhi waqinisa isivumelwano kuye ngegazi. AmaHeberu 13:12 nese 13: "UJesu wahlupheka ngaphandle kwesango ukuze Angcwelise abantu ngeGazi laKhe uQobo." Kunjalo na? Wathumelani na? Umlayezo emhlabeni, isithunywa. Kwakungubani oNyakeni weBandla laseFiladelfiya na? UJohn Wesley eshumayela ukungcweliswa. Yilapho Akuqinisa khona, wamehlukanisa nesono.

139 Wakholwa ngokulungisiswa, uGenesisi 12. Waqinisa isivumelwano ngegazi, echitha igazi lenqama kanjalonjalo esahlukweni 15 futhi wangcwelisa ibandla.

140 Manje, isahluko 17, Wanikeza uMoya oNgcwele. Qaphelani: "Ngingu El Shaddai." Khumbulani, uzokwemukela into ethize kuye manje evela kuNkulunkulu: amandla. Abanye be... Njengengane idonsa amandla kamama emzimbeni kamama ngokuncela, ibandla lanikwa uMoya oNgcwele, lidonsa amandla kaMoya ungene kubo, ibuye incele. Wanika ibandla uMoya oNgcwele, uMnikezeli wamandla, amandla aKhe uQobo. UNkulunkulu, enika umntwana waKhe obuthakathaka isikhala sokuphuma, ovume ukukholwa kwakhe, ukumnika amandla okuthize. Uselungele ukumenzela okuthile manje.

141 Ukulungisiswa, u-Abrahama. Ukulungisiswa, uGenesisi 12: UMartin Luther enzalweni ka-Abrahama. Ukungcweliswa, uGenesisi 15: ukuqinisa isivumelwano. Inzalo yakhe ka-Abrahama, uJohn Wesley: ukungcweliswa. U-Abrahama wayenesikhala sokuphuma ukuba adonse esimweni sakhe sobuthakathaka, amandla, amandla kaNkulunkulu uQobo. Niyakubona na? Bangaki okubonayo, uthi, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Amandla kaNkulunkulu uQobo ancelwa ngesithembiso, Uwanika amaPentecostal: uMoya oNgcwele, edonsa ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo kuphumele kubo ngqo. Njengoba Akwenza ngokwemvelo lapho, Wenza okomoya lapha, niyabo, ku-Abrahama nenzalo yakhe emva kwakhe. Uyakuthola engikuqondile manje na? Manje khumbula, ibandla lisaqhubekela phambili.

142 Manje, futhi, esahlukweni 18 . . . Manje, nakhu okuncanyana. Lokhu . . . Ningaphikisana nalokhu, bazalwane. Manje, nina, abaningi benu . . . Manje, nicabanga ukuthi uLuther ubeyokholwa noma yini enye ngaphandle kokulungisiswa na? Qhabo, mnumzane. Lowo kwakungunyaka wakhe. Ngikholwa ukuthi uyofika ekuvukeni, impela. Kulungile.

143 Ukungcweliswa. Ubungasho iMethodisti enhle eyisikwele ukuthi ukungcweliswa akusiwo umbhaphathizo kaMoya oNgcwele na? Impela ubungeke. "Ukungcweliswa konke kunguMoya oNgcwele! Yebo mnumzane." Nina maNazarene, nePilgrim Holiness, kanjalonjalo, nikukholwa kanjani lokho: "Yebo mnumzane, ukungcweliswa nguMoya oNgcwele." Akusikho. Yimisebenzi kaMoya oNgcwele, hhayi ukugcwaliswa kukaMoya oNgcwele. Qhabo, mnumzane.

144 Nakhu kufika iPhentekoste nombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kunjalo impela. Kodwa manje, sifuna ukuma, ibandla lePentecostal, umzuzu nje. Ngamunye walabo bahlela futhi bafela emikhondweni yabo. Manje, ngifuna nibuke, nina enibhala phansi umBhalo, ivesi 4 nele 5: Emva kokuba Esembizile ngokulungisiswa, wamngcwelisa ngeGazi lesivumelwano, umnika ukuPhila kwaKhe uQobo, esahlukweni 17, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, manje, yini elandelayo kwa-Israyeli na? abanye benu zifundiswa zeBhayibheli na? Ukubekwa kwendodana.

145 ETestamenteni eLidala ngenkathi indodana izalwa emndenini, yayiyindodana, kodwa yayingakabi yindlalifa nokho. Niyabo, ubaba wayengazi ukuthi lowomfana wayezoba yini (Ngabe kunjalo na?), ngakho wayenomfundisi phezu kwakhe ukuba amkhulisele onyakeni othize bese-ke (kinina befundisi), ukubekwa kwendodana.

146 UNkulunkulu wenza into efanayo eSambulw- . . . kuMathewu isahluko 17: Wathatha uPetru, uJakobe, noJohane, wakhuphukela entabeni ende (ngake ngashumayela ngalokho

lapha.), phezu kwentaba futhi waguqulwa isimo phambi kwabo. Wayenzani na? Wayekhombisa ukubekwa kwendodana.

147 Manje qaphelani, eTestamenteni eLidala babene... indodana yazalwa. Yayiyindodana, kodwa yayinomfundisi ukuba ayiqaphe, ukubona ukuthi iza kanjani. Futhi yena, ubaba, njalo ebeka uthisha obedlula bonke endodaneni yakhe, noma yimuphi ubaba ubengakwenza. Futhi ngakho u—umfundisi wayeqapha indodana. Futhi uma indodana yayiyimbuka nje, ayizange inake, yayingeke ilalele, yayiselokhu iyindodana, ngoba yazalwa, iyindodana, kodwa ayizange ibe nefa.

148 Ngiyacela bazalwane, yembathani ukucabanga kokomoya manje, nodadewethu. Ayizange ibe nefa, nokho yayiyindodana, uyise wayinakekela. Lelo yileloqembu emuva lapho ehlane. Niyabo? Wayene... Yayiyindodana, qiniso, kodwa ayizange ibe nefa.

149 Bese kuthi-ke umfundisi akhuphuke phambi kukayise futhi athi, "Injani indodana yami na?"

150 Kufanele ukuthi yashawa amahloni kanjani futhi yathi, "I—i—i...a...akenzi kahle kakhulu." Niyabo. Waqasha indoda eyayilungile futhi iqotho ukuthi, hhayi utshani obomile esigqokweni sayo, noma uphaphe njengoba sikubiza kanjalo, kodwa wayekhuluma iqiniso. "Indodana yakho ayenzi kahle kakhulu. Ayiyikulalela. Angikwazi ukuyifundisa lutho."

"Kulungile." Ayizange ithole noma yiliphi ifa.

151 Awu, uma-ke efika wayesethi...Ngiyamangala namhlanje, ukuthi ngenkathi uNkulunkulu enza into efanayo enzalweni ka-Abrahama, abantwana bakhe lapha, ngenkathi umfundisi... Ubani uMfundisi wethu na? umbhishobhi na? igosa lesigodi na? UnguBani na? UMoya oNgcwele. Akancengi; Utshela uBaba impela ukuthi kwenzekani.

152 Uyenyuka wayesethi, "Banjani abantwana baMi ezansi lapho na?"

153 "O, Baba, onke amadodakazi aKho agunde izinwele zawo. Azipenda ubuso. Mm! Aziphathisa okwezwe. Agqoka izingubo ezingenasimilo, izingubo ezibukeka njengowesilisa; bazibiza ngama 'phedali-phushasi' nama 'bhulukwe.' Nabesifazane baKho, amadodakazi aKho, akhwela nje angene ngqo kulokho. Futhi Baba, into embi: amadodana aKho, abashumayeli baKho, bayakuvumela. O yebo, impela, bayakuvumela. Zonke izinto Owazifundisa, ngoba bayesaba."

Kufanele ukuthi uBaba uzizwa kanjani! Angeke abayisa phambili, bangabantwana baKhe, Ufanele abanakekele, kodwa u—umntwana ongumthwalo onje pho.

"Awu, kungani bengakwenzi na?"

"Awu bazenzela inhlangano ukuba bathi ukuzimboza ndawonye njengoba benza ukwakha umbhoshongo waseBabele."

"Yebo," uBaba uthi, "kuyofika ohlobweni olufanayo lwesiphetho, futhi." Niyabo?

154 "Futhi bazakhela umbhoshongo abawucabanga ngenhlangano yabo babengadonsela umhlaba wonke kubo, kodwa bukani nje ukuthi benzani."

155 O, kuyamthena amandla uBaba. Ufanele ukuthi uzizwa ephoxekile kanjani! Ufanele uzizwe kanjani uMoya oNgcwele ukuthatha leloZwi liye eNkazimulweni, usho ukuthi ibandla lihamba kanjani. Ukuthi bayemukela kanjani imfundiso eyenziwe ngumuntu esikhundleni seBhayibheli; iqiniso lethulwe ngqo kubo, futhi bafulathela futhi basuke bahambe kulo, nakho lapho okhona, ngoba inhlangano yabo ayilikholwa. Futhi nokho bayazi ukuthi yiZwi likaNkulunkulu futhi awukho omunye umBhalo eBhayibhelini ngaphandle kwalokho! Uma ngempela kuyiZwi likaNkulunkulu kuyoba kusukela kuGenesisi kuya eSambulweni: Liyoba yinto efanayo.

156 Bemukela ukufafazwa esikhundleni sombhaphathizo. Benza zonke lezi ezinye izinto; zonke izinhlobo zezivumokholo nakho konke okunye. Kufanele ukuthi uBaba uzizwa kanjani. Mm. Angeke anika leyondodana lutho.

157 Kodwa uma-ke Ekhuphuka futhi athi, "Kodwa kukhona abathize, ngiyaKutshela, bangamadodana aKho ngempela. Angikhathali ukuthi kwenzekani; bamela lokho Okushoyo. Ba—baziphathisa nje okwaKho. Lowomuntu wenza nje impela njengaWe. U—u—usho into efanayo Oyishoyo. Uma izisebenzi eziqashiwe zenza into ethize; akanandaba. Kungumsebenzi kaYise. 'Kufanele ngibe kuwo.' Uyakudabula nje, futhi uthi, 'Aniyikukwenza lokho kuBaba wami. UBaba waMi washo *ukuthi-nokuthi* futhi nithathe imiyalo kaNkulunkulu futhi nayenza isiko labantu. Awukho umBhalo onjalo eBhayibhelini wento enjengaleyo.'"

"O, ngakho leyo yiNdodana yaMi. Ya, khona-ke ngempela iyalikholwa iZwi laMi njengo-Abrahama nje, ngakho iyinzalo ka-Abrahama, qiniso."

158 Ngakho, manje, wenzani ubaba na? Wase-ke ethatha usuku oluthize, emva kokuba lendodana ihloliwe. Manje, umcabango wePhentekoste, wathi nje ungazalwa ngokusha, wathola uMoya oNgcwele, yilokho kuphela okwakuyikho. Usanda kuqala nje khona-ke! Bhekisisani ukuthi Wenzani ku-Abrahama. Khona-ke wenzani na? Ubaba wakhipha umntwana, futhi wenza idili (Manje nonke nina bafundi beBhayibheli niyakwazi lokhu.), wenza idili, wahlalisa indodana yakhe endaweni yomphakathi, wayigqokisa ingubo ende enhle, wayeseyihlalisa phezulu lapho, futhi benza imisebenzi yobuntwana, noma, ukubeka. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na? Thanini "Amen." A-hha. IBhayibheli.

159 Buyela emuva kwabaseGalathiya isahluko 4 bese ukucosha lapho, a-hha, a-hha, uPawulu ekhuluma manje. Wabeka leyondodana. Wenzani na? Wayenomkhosi wokwenziwa umntwana, ebeka leyondodana. Bese kuthi-ke emva kokuba esebone leyondodana ukuthi yayizokwenza, izosigcina isithembiso, akukho-muntu ozoyivimba kuso, ifana nje noyise, izohlala naso ngqo, isike futhi iyekele amabhizela awe nomaphi lapho efuna khona, akancengi, futhi uthi, "Ngingabeka ithemba kulowomfana," ngakho wenza ukwenziwa umntwana. Futhi wenzani na? Emva kokuba esenze ukwenziwa umntwana, lowomntwana uyindodana ebekiwe khona-ke e—embusweni kayise futhi inamalungelo alinganayo kuwo. Uma kungenjalo, uma bebhale isheke, igama layo lifanele nje eshekeni njengoba elikayise lalinjalo. Bese-ke seyenziwe umntwana, noma, ibekwe.

160 UNkulunkulu wenza into efanayo kuJesu eNtabeni yokuGuqulwa isimo ngenkathi E. . . Wenzani na? WaMsibekela, waMenyusela endaweni yomphakathi, wathatha ofakazi abathathu: uPetru, uJakobe, noJohane. Waletha ofakazi ababili abavela eZulwini ukukhombisa . . . Abathathu ngufakazi. Futhi ngenkathi EMsibekela nezingubo zaKhe, ingubo yaKhe enhle ende WaMgqokisa, isimo esikhazimulisiwe, ikhanya njengelanga emandleni alo. Ngabe kunjalo na? NePhimbo lavela eZulwini, lathi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, Yizweni." Amen. "NgiYibeke ngokwendawo eyiyonayona. Leyo yiNdodana yaMi. Ekushoyo, Ngizokwesekela. Iwagcinile amaZwi aMi. Ilwe yedlula kuwo onke lamahlelo nakho konke okunye futhi ikugcinile ukukholwa. A—Ayizange incenge. I—Ibe neqiniso. Ihlala njalo isemsebenzi waMi. Lapho abantu beYibheka, babona Mina. Lena yiNdodana yaMi, Yizweni."

161 Ngabe Wakwethembisa nje lokho kuYe na? Qhabo. NgaYe kufika inzalo ka-Abrahama ngento efanayo: isahluko se 4 nese 5, uNkulunkulu wakhipha u-Abrahama, wayesebeka ukwenziwa umntwana phezu kwakhe, futhi waguqula igama lakhe (Udumo!) esuka ku-Abrama waya ku-Abrahama. U-*Abrahama* uvela egameni lika "Elohim," iGama likaNkulunkulu uQobo. Wahlobanisa igama lakhe neGama likaNkulunkulu. UNkulunkulu ungu-Elohim. Bangaki okwaziyo lokho na? UJehova omkhulu, u-Elohim, OWenele Konke, Okhona ngokwamandla aKhe, u-Elohim.

162 Futhi Wenzani na? Wasusa u h-e-m eGameni laKhe futhi wamubeka egameni lika-Abrahama, ngoba wayengu-A-bra-hama. UNkulunkulu unguYise wabo bonke, no-Abrahama unguyise wezizwe. Udumo! Elohim, uYise wabo bonke; u-Abrahama, uyise wezizwe: ebeka ngokwendawo eyiyona yona. Udumo! Lokho kusemva kokuba iBandla laKhe lemukele uMoya oNgcwele. Emva kokuba sebedlule ekuvivinyweni.

163 Niyabo, iPentecost yakugeja lokho. Bazihlela, abakwazanga ukuqhubekela phambili, khona-ke lapho uNkulunkulu enza into

ethize, uthi, "A, he. Psss! Deda kukho. Niyabo. Ibandla lethu alikufundisi lokho ezansi lapho." Qhubeka.

Kodwa nakhu Akwenze ku-Abrahama, ku-Abrahama nenzalo yakhe emva kwakhe.

164 Manje, sikuGenesisi 18, sisesevesini 18. Manje, ake sibhekisise. Wase-ke emthatha, emva kokuba Esekwenzile lokho, Manje, leyo yinto yesibili Ayenzile. Into yokuqala Umnika ukulungisiswa, kwese 12; ese 15, Umnika ukungcweliswa; ese 18, Umnika uMoya oNgcwele. Ekupheleni kwakho. . . Kubhekisiseni masinyane manje; zonke lezi ezinye zathatha iminyaka. Ulalele na? Niyakuthanda na? Yonke leminyaka kusukela ekulungisisweni kuya ekungcwelisweni kwakungumjikelezo weminyaka; kusukela ekungcwelisweni kuze kube sekuqinisweni, uMoya oNgcwele, kwakuyiminyaka. Kodwa esahlukweni esifanayo Wambeka emva kukaMoya oNgcwele. IPhentekoste ineminyaka engamashumi amane nento ubudala nje, niyazi.

165 Uqala ukubeka amadodana aKhe. UMartin Luther washumayela ukulungisiswa. Iminyaka neminyaka neminyaka kufika ukungcweliswa. Iminyaka neminyaka neminyaka kufika umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, kodwa ngokukhulu ukushesha emva kwePentecost yenze into efanayo bonke abanye abayenzayo, khona-ke Uqala ukudonsa amadodana aKhe amela iqiniso laKhe. Futhi Uyinika okuthile okukhethekile, wayikhulisa phambi kwabantu ngento ethize ukuthi yama yagqama, niyabo, wayibeka.

166 Manje, khona-ke esahlukweni esifanayo Umnika isibonakaliso, unikeza ibandla lePhentekoste isibonakaliso sesikhathi sokuphela. Emva kokuba u-Abrahama igama lakhe seliguqulwe izinsuku ezimbalwa, wabekwa-ke njengo-Elohim, ehambisana noNkulunkulu . . . O! O, niyazi, akukuhle yini ukuba ngumgingqiki ongcwele na? Ya. Mm. Niyabo?

167 Wambeka, wamhlanganisa noNkulunkulu, wamnika ingxenye yeGama laKhe. Futhi hlobo luni lweGama iBandla laKhe elinalo na? IGama laKhe. Ngabe kunjalo na? "Ngiza ngeGama likaBaba waMi futhi aniNgemukelanga": iGama likaJesu. "Uma omunye ezofika ngegama labo, igama lakhe, igama lenhlangano, yena niyomemukela." E-hhe, e-hhe, e-hhe. Kodwa Wamatanisa u-Abrahama neGama laKhe, neBandla laKhe lineGama laKhe.

Abaningi besifazane abakahle kulelizwe, kulobubusuku, kodwa munye uNkk. William Branham; nguye ohamba nami. A-hha.

168 Linye iBandla eliphila eGameni likaJesu: "Noma yini eniyenzayo ngezwi nangomsebenzi, kwenzeni eGameni likaJesu." Ubungabhema usikilidi eGameni likaJesu na? Ubungaqamba amanga eGameni likaJesu na?

Ubungantshontsha eGameni likaJesu na? Ungalifulathela iqiniso likaNkulunkulu eGameni likaJesu na? Impela ngeke. Awu, noma yini abayenzayo ngezwi nangesenzo, bakwenza konke eGameni likaJesu. Kunjalo. Nakho lapho okhona. Igama elimataniswayo emva kokwenziwa umntwana, emva kokwenziwa umntwana.

Manje, Uthi kuzobakhona imbubhiso; iSodoma lizosha, futhi . . .

169 Ngiyazi ngishiywa yisikhathi, kodwa nje ngifanele ngihlale nalokhu okwemizuzu embalwa nje, niyabo, ngoba kusasa ebusuku ngifuna ukusho enye into. Ngibekezeleleni nje imizuzu embalwa kade, nizongibekezelela na?

170 Qaphelani, Washintsha igama lakhe, wase-ke emnika isibonakaliso sokuthi ukuphela kwase kuseduze. U-Abrahama wayesephuma-ke, wahlala ngokunye ukusa okushisayo emnyango wethende, wavuka ngezikhathi zasemini, futhi wabheka futhi wabona amaDoda amathathu eza. Futhi u-Abrahama wazi ukuthi kwakukhona into exakile ngaWo, ngakho wagijima waphuma.

171 Omunye wathi ngolunye usuku, iJuda eliphendukile, wathi lokho kwakhombisa ukuthi LawomaDoda amathathu kwakunguYise, iNdodana, noMoya oNgcwele. Umbhedo! Akashongo ukuthi, "MaKhosi ami," njengomhedeni, wathi, "Nkosi yami." ULoti nguye owabiza iziNgelosi ezimbili, "makhosi." Umhlubuki ezansi lapho, ukhombisa khona impela lapho lesosigaba esifanayo siphila khona namhlanje, wenza uNkulunkulu abe ngabantu abane noma abahlanu abehlukene. UNkulunkulu unguNkulunkulu oyedwa. E-hhe!

"Nkosi yami," kwasho u-Abrahama.

ULoti wathi, "Makhosi ami," ngamabili awo, kodwa mathathu aWo lapho.

172 Futhi u-Abrahama waqonda ukuthi munye uNkulunkulu kuWo: "Nkosi yami." Kubukeni. Futhi khumbulani, kwakungesiye u "nkosi" omncane lapha; kwakungu-Elohim, "Nkosi yami," u-Elohim, uJehova, wenyukela etendeni. O, lalelani lokhu. Wonke umuntu wayethuthumela. Into yokuqala niyazi, bahlala lapho futhi baqhuba ingxoxo. Ngifisa sengathi benginesikhathi sokukugcizelela nje. Nikufunde nje esahlukweni 18.

173 Ukuthi bahlala kanjani lapho. Manje, lindani. Wenzani na? Ukhombisa ku-Abrahama lokhu: Azokwenza enzalweni ka-Abrahama. Manje, Wayeyini endleleni na? Emva kokuba u-Abrahama . . . emva kwalokho wayeselungisisiwe, wangcweliswa, wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, emifanekisweni namathunzi, futhi wayebekiwe; khona-ke Wafika futhi Wayenikeza isibonakaliso ukuthi ukuphela kwase kuseduze. Wehlela ukubhubhisa izwe elibi

lesono laseSodoma. Ngabe kunjalo na? Manje khumbulani, uJesu wathi . . . NiyaMkholwa na? UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

174 Manje, kwakukhona . . . bama futhi bakhuluma. Bhekisisani! IziNgelosi ezimbili, iziNgelosi ezimbili zehlela eSodoma ukuyoshumayela iVangeli. Ngabe kunjalo na? IziNgelosi ezimbili zehlela eSodoma ukuyoshumayela iVangeli: uBilly Graham wesimodeni eshumayela kulezozoni kanjalonjalo. Azikho izimangaliso ezenziwa, isimangaliso esisodwa, ukushaya ngobumpumputhe. Ukushumayela iVangeli nje kuphuphuthekisa ongakholwayo. Futhi ngakho, behlela lapho ukuyoshumayela iVangeli. Futhi leso kwakuyisibonakaliso sabo: ukushumayela iVangeli. "Phumani kulendawo! UNkulunkulu uzoyishisa." Ngabe kunjalo na? "Lizosha; phumani lapha." Lowo ngumvangeli, uBilly Graham nalabobafo, beshumayela.

Awu, bhekisisani Lona owahlala emuva eBandleni elikhethiwe, u-Abrahama; inzalo ka-Abrahama. Niyabo?

Lowo kwakunguLoti ezansi lapho neqembu lakhe.

175 Manje, njalo kunezigaba ezintathu zabantu: ongakholwayo, umzenzisi, nekholwa. Niyabo? Manje, ongakholwayo nomzenzisi bahlala ndawonye. Kodwa ikholwa langempela liyazehlukanisa: okulenza iBandla. Niyangilandela na? Manje, zonke lezozinhlangano ezinkulu ezansi lapho nazo zonke zibambisana; zaba nesikhathi esimnandi.

176 Futhi abanye abantu bayamhleka uBilly Graham. Ake ngime lapha umzuzu nje. Uthi, "Indoda ethonyekile, njengoBilly Graham, abantu abaningi kakhulu, kungani ingabi yiPentecostal na?"

177 Angeke. Ngabe uBilly Graham unengxenye kukho na? Yebo! Nina bantu bakamoya, vukani manje, umzuzu nje. Gqokani ukucabanga kwenu. Ubani igama lakhe na? U G-r-a-h-a-m; manje, ngiyazi nicabanga ukuthi lokho ngukuhlanya. Lindani isikhashana nje: h-a-m, Abrahama. Niyabo? Unomlayezo wokuphenduka. Futhi akukho-muntu ongamthola, ongasulela into eyodwa kulowomlayezo wendoda. Unokuphenduka kwehlele phansi. Kunjalo. Ukushumayela njengendlu eshayo. Niyabo? Kunjalo. UNkulunkulu wambiza ukuba enze lokho. Uyaphi na? Hhayi kumaPentecostal, kodwa kulawomaqembu amahlelo phandle kuleyongxovangxova phandle lapho neSodoma: ukuzipenda ubuso, nazo zonke izinhlobo zabesifazane, futhi behambahamba begqoke izikhindi, nabaculi bamakhwaya, na—nabadikoni beshade kathathu noma kane, nabelusi ngendlela efanayo, nalo lonke lolohlobo lombhedo phandle lapho. Qhubeka uphume, ukushumayele, Billy! Hlala nakho! Angeke enze lutho olunye.

178 Kodwa manje khumbulani, kwakukhona Oyedwa waBo Owasala ngemuva futhi waletha i—isibonakaliso ku-Abrahama (Ngabe kunjalo na?), iBandla elikhethiwe. Hhayi amalambu amakhulu akhanya kakhulu, izikhungo ezinkulu zemizwa, nezinto ezinkulu ezinezimbali, izinhlelo ezinkulu kanjalonjalo. KwakunguYe Owasala ngemuva no-Abrahama. Kunjalo na? Futhi Wamnika isibonakaliso ukuthi isikhathi sasesiseduze. Bhekisisani ukuthi Wenzeni. Manje khumbulani, njengoba Enza ku-Abrahama, Wenza enzalweni yakhe futhi. Bhekisisani uJesu ekuqinisa, ethi kuyoba ngaleyondlela.

179 Manje bhekisisani. INgelosi yayihlezi, hhayi iNgelosi, kwakunguNkulunkulu. Yayihlezi Ifulathele ithende. Futhi Yathi, (Manje, akumangalisi na?) "A-bra-ham . . . " Ezinsukwini ezimbalwa nje ngaphambi kwalokho igama lakhe lashintshwa, futhi nakho kwakukhona isiHambi, Yazi kanjani ukuthi igama lakhe lalingu-Abrahama esikhundleni sika-Abrama na? "Uphi umkakho uSara na?" Hhayi u S-a-r-a-y-i, uSarayi, kodwa S-a-r-r-a-h, S-a-r-a, uSara, igama lakhe lenkosazana. "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?" Yayazi kanjani ukuthi wayeshadelwe na? Yayazi kanjani ukuthi igama lakhe lalingu-Abrahama na? Yayazi kanjani ukuthi wayenomfazi na? Futhi Yayazi kanjani ukuthi igama lakhe lalinguSara na? Manje bhekisisani.

180 IBhayibheli lathi, "U-Abrahama wathi, 'Usethendeni emva kwaKho.'" Wayengafani nabesifazane besimodeni: afanele athathe indawo yomyeni, futhi abe yiphoyisa emgwaqeni, nayo yonke indawo encane ne . . . Akumangalisi kungekho-msebenzi wabesilisa, a-hha, kunjalo, owesifazane wathatha indawo yakhe. Lesi yisizwe sowesifazane, niyazi. Sinenombolo yowesifazane, igama lowesifazane, konke okunye futhi singowesifazane, nowesifazane uzosilawula. Kunjalo.

Wahlala ethendeni. Wazigcina eqhelile, iNdoda exakile yayikhona.

181 Futhi I . . . Lalelani! Nasi isizathu Yambiza ngo-Abrahama: Yathi, "Ngi (isabizwana somuntu), Ngizokuvakashela ngokwesithembiso eNgikunika sona. Ngikunika lokho." Yingalesosizathu Yayazi ukuthi igama lakhe kwakungu-Abrahama.

182 Futhi u-Abrahama wayesanda kuYinika inyama yethole, waYinika ubisi ukuba iphuze enkomazini, waYenzela amaqebelengwane ommbila futhi wawafaka ibhotela. Idla ibhotela, isinkwa sommbila, noma isinkwa, namaqebelengwane, futhi yaphuza ubisi, futhi idle inyama yethole, futhi kwakunguNkulunkulu enyameni. Kunjalo. Manje, uma ufuna ukuphikisana neBhayibheli, ubone ukuthi akusiye yini usonhlamvukazi N-k-o-s-i, Elohim. U-Abrahama kwaba nguye owakhuluma naYe. U-Abrahama waMbiza ngokuthi,

"Nkosi, Nkulunkulu." Ngakho ngiqagele ubefanele azi; nguye owayekhuluma.

Omunye wathi, "Awukukholwa lokho!" Impela ngiyakukholwa, lonke iZwi lakho. Bhekisisani nje ukuthi kuphumela kanjani enzalweni ka-Abrahama manje.

Yathi, "Uphi umkakho, uSara na?"

U-Abrahama wathi, "Usethendeni emva kwaKho."

183 Yathi, "Ngizokuvakashela ngokwesithembiso eNgikunika sona, isikhathi sokuphila. Eminyakeni engamashumi amabili-nanhlanu edlule Ngakubiza ngaphansi kokulungisiswa. Ngikunika ukuqinisekiswa kwesivumelwano. Ngikugcwalise ngokuPhila kwaMi uQobo kini, ngakondla kuze kufike kulendawo manje ukukunika amandla ukuba wemukele lokhu eNgakwethembisa khona. Futhi manje, Ngizoninika isibonakaliso sokuthi Ngizoshisa lomhlaba. Nesikhathi sesiseduze, ngoba unembewu ethize ezokulandela. Uyabo?" Wathi, "Ngizokwenzela lokhu, Abrahama."

184 Futhi uSara, emuva ethendeni, wathi . . . wathi ukuhlekela ngaphakathi kwakhe, ethi enhliziyweni yakhe . . . Lalelani bandla! Ningehluleki ukukubona! UmBhalo uyazikhulumela Wona. USara wahlekela ngaphakathi kwakhe, ethi, "Ngingaba kanjani mina, isalukazi lapha, esicishe sibe nekhulu leminyaka ubudala, nomyeni wami . . . (ngixoleleni, bodadewethu) ngibe yinkosikazi futhi ngiphile ebumnandini njengensizwa nentombi nomyeni wami. Kungani e . . . okwakhe . . ." ngamany'amazwi, ingxenye yendoda, i—i . . . eyayisinqamukile eminyakeni eminingi edlule, naye; base bebadala. Wathi, "Ngingake ngiphinde ngibe nenjabulo nomyeni wami na?" wambiza nge, "nkosi." Wathi, "Usemdala naye, amandla akhe awasekho. Akusekho kithi njengabantu abasha ukuphila kanjalo. Besingake sikwenze kanjani na?"

185 NeNdoda, uNkulunkulu ehlala enyameni, iNdoda Efulathele ithende, yathi, "Uhlekeleni uSara, esho enhliziyweni yakhe ukuthi lokhu ngeke kube njalo na?" Yasho ukuthi uSara wayenzani nokuthi uSara wayecabangani enhliziyweni yakhe ngenkathi ehlekela ngaphakathi. Ngabe kunjalo na?

186 Kwakuyini na? Kancanyana nje ngaphambi kwembubhiso. Wenza into efanayo enzalweni ka-Abrahama, futhi abakuqondi, bazalwane. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukubekwa kwendodana, noNkulunkulu ehlala eBandleni laKhe, inyama yomuntu, edla, ephuza njengomuntu: uMoya oNgcwele, uNkulunkulu qobo lwaKhe, ehlala emadodaneni ka-Abrahama, ebonakalisa into efanayo uJesu ayisho, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Niyakuthola na?

187 Manje, enye into futhi. Kwase kwenzekani-ke na? Ukwemukela indodana ezayo, Wenzani na? Wadingeka enze okuthize kuSara, ku-Abrahama naye. Bukani. Waye. . . Manje, bodadewethu, sisesixukwini esixubile, ngithetheleleni. Kodwa kwase kunqamukile ukuba njengendoda nomfazi kubo, ngakho Wadingeka enze okuthize kubo.

188 Manje uSara, iBhayibheli lathi isizalo sakhe sasifile, no-Abrahama, njengendoda, wayesefana nofile. Ngabe kunjalo na? Iminyaka kwakuyonqamuka ukuba nabo, eminingi, iminyaka eminingi emuva, ukuba yindoda nomfazi ngendlela yenqubo yocansi.

189 Wenzani na? Manje, uma E. . . Sazi ukuthi Wadingeka enze okuthize kuSara, ngoba isizalo sakhe sasifile. Wayezofanele enze isizalo sakhe sivunde. Ngabe kunjalo na? Awu, abesifazane babengabhemi osikilidi ngalezozinsuku, ngakho babefanele bakhulise ibhodlela labo e. . . ingane yabo ngobisi lwezinkomo ebhodleleni. Babenendlela eyodwa kuphela yokubakhulisa: ngebele. Ngakho yena, owesifazane omdala kanjalo, uNkulunkulu wadingeka enze imithambo yobisi lapho, yase yomile.

190 Futhi ngifuna ukunibuza okuthize njengoba ngiqhubeka. Ngithetheleleni, bodadewethu, ezethamelini ezixubile, kodwa lalelani udokotela wenu; ngingumfowenu. Sasingakwenza kanjani isalukazi esineminyaka eyikhulu ubudala, sihambe siyosikwa futhi sizale umntwana na? Uma owesifazane oneminyaka engamashumi amane-nanhlanu ubudala eye ekusikweni namhlanje, odokotela bebeyoba nokuphefumulisa, konke okunye lapho ngaye. Futhi nangu owesifazane, oneminyaka eyikhulu ubudala, cishe, engenakuphefumuliswa ngokokufakelwa.

191 Wayefanele enze okuthize. Wenzani na? Wavele nje wamenza waba musha futhi. Kufakazise na? Yebo, mnumzane: Bathatha uhambo lwamamayela angamakhulu amathathu beya eGerari. Futhi ngenkathi befika ezansi lapho, logogo omdadlana, u-Abimeleki wamthanda, owesifazane omuhle kunabo bonke ake ambona. U-Abrahama waqonda, izinwele zabamnyama futhi. USara uba muhle. Niyabo, Wavele nje wenza isidalwa esisha ukuze bakwazi ukuhlala ndawonye futhi njengensizwa nentombi. Wayenzani na? Wadingeka amfake esimweni sokwemukela indodana ethenjisiwe.

192 Yini into elandelayo emva kokuba lesisibonakaliso sesihambile na? UNkulunkulu uzobeka abantwana baka-Abrahama esimweni, belungela ukwemukela iNdodana ethenjisiwe. SizoMemukela kanjani na? Ngeke saMemukela kulemizimba. Sizohlangana naYe emoyeni. Dumisani uNkulunkulu kuze kube phakade! Icilongo liyakukhala. Abafele kuKristu bayakuvuka futhi siyokwenyuka ukuMhlangabeza

emoyeni. Wenzani na? Isibonakaliso sokugcina ngaphambi kokuphenduka esinye isimo, isibonakaliso sokugcina ngaphambi koHlwitho; cishe impela noma ngasiphi isikhathi ibhomu le atomu lizobhubhisa umhlaba; ngaphambi kokuba kukhale kakhulu kuloludaba, uJesu uyeza.

193 "Thina esisekhona sisasele asiyikubandulela noma sibavimbele labo abaleleyo, abafileyo, ngokuba icilongo likaNkulunkulu liyakukhala, abafele kuKristu bayakuvuka. Thina esiphilayo siyakuguqulwa ngesikhashana, ngokuphazima kweso." Ikhehla lizoba lisha. Isalukazi sizoba sisha futhi. Futhi siyolungiselelwa ukuhlangana neNdodana ethenjisiwe ezayo (Udumo! Haleluya!), into elandelayo ngokohlelo lukaNkulunkulu.

194 Kwenzekani na? Njengoba nje iNgelosi Yayifulathele futhi ikhombisa lesosibonakaliso ku-Abrahama, Wehlisa yonke into ngokulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukubekwa kwendodana, iziphiwo nemiyalo kuyaphuma, bese-ke ekhombisa isibonakaliso saKhe sokugcina ngaphambi kokubhujiswa. Kwase kuthi-ke washintsha inzalo ka-Abrahama; kungahle kufike ngaphambi kokuba sivale umhlangano.

195 UMfowethu Kidd omdala, ohlezi lapha, noDadewethu Kidd, amaqhawe amadala empi, bhekisisani, ngesikhashanyana, beme lapho, sebephenduke insizwa nentombi futhi, beguquliwe.

196 Kungani sifanele siguqulwe na? Kwakungenakwenzeka nhlobo ukuba lelokhehla libe nobudlelwane bocansi nomkalo. Kwakungenakwenzeka nhlobo ukuba akhulelwe futhi azale umntwana ngaphandle uma okungaphezu kwemvelo kwenzekile. Futhi indlela kuphela obekungenziwa ngayo bekungaba ngukuthi, kufanele kube ngukuguqulwa isimo somzimba wabo. Wayehlale naye kusukela eneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, noma ishumi nesithupha, udadewabo ingxenye, ushada esemncane. Futhi wayeyinyumba futhi wayengazali. Niyakubona na? Futhi ngakho Wadingeka aguqule ububona babo bomzimba ukuba bemukele indodana.

197 O, bandla, Uzofanele aguqule lesi sidalwa esibonakalayo ukusivumela sihlwithwe. Asikwazi ukwenyuka, loluhlobo lomzimba. Uzoguqula umzimba wethu ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso; siyohlwithwa kanyekanye emoyeni, ukuhlangabeza iNkosi emoyeni. Asikwazi ukwenyuka kanje. Sibona zonke izibonakaliso: ukulungisiswa, ukungcweliswa, ukugcwaliswa kukaMoya oNgcwele, ukubekwa kwendodana, isibonakaliso sokugcina sinikezwa. Amen. Niyakukholwa na? O, ngi—ngi. . . sizodingeka nje sikunqamule lapha. Angikwazi ukuqhubeka. Asikhothamise amakhanda ethu.

198 Bandla likaNkulunkulu ophilayo (uNkulunkulu abe nomusa.), awufuni ukugqashula kulemigoqo emidala yomsindo

lapha futhi ulungele ukuhlangana naYe na?

199 Uma kukhona abantu ongakulungele ukuhlangana naYe, futhi uyazi uma icilongo beliyokhala ukuthi ubuyolokhu uboshelwe emhlabeni lapha, ukuba wedlule kulokho okukhulu, ukuhlupheka okwesabekayo, njengalabo abakhishwa emkhunjini: babhubha emanzini; abantwana, injejane, babengenamusa; onke baminza nezidumbu zabo ezifile zantanta phezu kwamanzi, namagwababa noklebe badla kuzo . . .

200 Labo owayesemkhunjini wayephephile. Izinsuku zikaNowa, yonke into eyayinesono, yabhujiswa. Ngezinsuku zaseSodoma, yonke into eSodoma yasha. UmkaLoti waphenduka isinsika kasawoti, wehliswa kabuhlungu. Kodwa akukho neyodwa yalezozinto eyathinta uNowa. Akukho nayinye yazo eyathinta u-Abrahama. Kanjalo akukho-muntu oyothinta inzalo ka-Abrahama.

201 Nginilethele iVangeli. Angizibizanga ngalokhu. Kodwa uthe uyakholwa ukuthi uNkulunkulu wangibizela ukuba ngibe ngumprofethi waKhe. Lichaza ukuthini igama elithi u*mprofethi* ngesiHeberu na? "umhumushi waphezulu weZwi elilotshiwe." IZwi leNkosi leza kumprofethi noma umboni. Nginitshele iqiniso.

202 Manje, uzomemukela uKristu njengoMsindisi wakho, uMphulukisi, umBhaphathizi, iNkosi ezayo na? Uma ungakulungele ukuhlangana naYe emoyeni futhi uma Engeza kulobubusuku, futhi uyazi ukuthi awukakulungeli, ubungakwenza, ngeyakho . . . ngenkathi amakhanda enu esakhotheme, ningaphakamisa izandla zenu nje bese nithi, "Mfowethu Branham, ngikhulekele. Nkulunkulu yiba nomusa kimi; ngiyazi angikalungeli"? Manje, kukuwe. Angi . . .

203 Akusiso isikhathi sokunxiba. Sekuyisikhathi sokuvuka futhi sibe ngabesilisa noma abesifazane, noma, uma inhliziyo yakho yonile yasusa usuku lomusa khona-ke uyo, akunandaba ukuthi simo sini phakathi *lapha*, awusazi ngisho. Kodwa ngabe kukhona noma yini ngawe okukuvusile ukukwazisa ukuthi ihora esiphila kulo, futhi ufuna ukukhunjulwa emkhulekweni na? Phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise, wena, wena, wena, wena, wena, wena. Ngakwesokudla sami, wena, wena, wena, uNkulunkulu akubusise. Kukhombisa ukuthi uMoya oNgcwele usakhuluma kubantu. Umnyango awukavalwa okwamanje.

204 Kodwa ngilalele njengenceku yaKhe: ihora liyeza lapho ungasayikuphinde uphakamise isandla sakho. Sekushaye lokho kubantu abaningi. Kunabantu abahlezi khona lapha manje engibaziyo, eGameni leNkosi, ngibabheka futhi ngibona lobobumnyama phezu kwabo, ngiyazi bafanele baphakamise izandla zabo futhi abakwenzanga. Bona basusa usuku lwabo lokugcina lomusa, bafulathela iqiniso, benza . . . "Owona ngamabomu emva kokuba esemukele ukwazi kweqiniso,

akusekho umnikelo ngesono, kodwa ukulindela okwesabekayo ukwahlulelwa, ulaka lomlilo."

205 Baba waseZulwini, baphakamise izandla zabo. Ngenze konke okusemandleni ami eZwini. Yilokho kuphela engikwaziyo. Ngikushilo njengoba nje Wakwembula. Sesilinde isikhathi eside, futhi manje kunabaningi abaphakamise izandla zabo, idazini, mhlawumbe, kulesisakhiwo, mhlawumbe ngaphezulu, mhlawumbe ngaphansi. Kodwa ngizothi ekugcineni. . . Ubazi bonke. UMoya oNgcwele ukhulume kubo ngeZwi. Bayaqonda ukuthi abakulungele ukuhamba. Baba waseZulwini, uma umuntu eqotho ngokwenele ukuba baphakamise izandla zabo futhi bafakaze kuWe ukuthi abakakulungeli, futhi bafisa ukulungela, Ungeke, Baba onomusa, onomusa, bamise ngendlela izinhliziyo zabo kulobubusuku ukuba bahambe masinya impela, ukuhlangana neNdodana ethenjisiwe na? Ithenjisiwe manje iminyaka eyizinkulungwane ezimbili. BesiYilindile, futhi masinya Iyeza, ngoba siyabona ukuthi konke Akwenza ku-Abrahama, Ukwenzile enzalweni yaKhe. Sinesibonakaliso sokugcina kanye nathi manje, ukuthi Wena, Nkulunkulu, ubonakaliswa enyameni yomuntu.

206 Baphakamise izandla zabo, Nkosi, ba. . . iBhayibheli lithi, iNdodana yaKho uQobo, uJesu Kristu wathi, "Ozwa amaZwi aMi. . ." Futhi Nkulunkulu ngi—ngikulethe kubo. ". . . futhi ozokholwa NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, futhi akasayikuya ekwahlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuphileni."

207 Jehova omkhulu, u-Elohim, ngeGama likaJesu Kristu, ngibanikela kuWe, njengezimpawu zeZwi laKho noMhlatshelo weNdodana yaKho ethandekayo, nangoBukhona bukaMoya oNgcwele, Oletha iZwi futhi aLibonakalise ngenyama yomuntu kubantu, bangabaKho. Yenza ngabo njengoba Ubona kufanele, Nkosi, ngokuba basezandleni zaKho. Abefundisi bakho lapha bazobahola baqhubeke. Kwangathi bangaya ngqo ebandleni elithile elihle futhi benze umbhaphathizo wamaKristu. Khonake kwangathi bangemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele futhi babekwe eMzimbeni kaKristu. Siphe khona, Nkosi, eGameni likaJesu Kristu, ngiyakucela. Amen.

208 Sekuyimizuzu emihlanu kuze kube ngeleshumi nqo. Anginaso isikhathi somugqa womkhuleko. Ngizobabamba kusasa ebusuku; Ngizokwenza, iNkosi ithanda. Ngizovele nje ngiqedele lomlayezo omncanyana futhi ngigijimise umugqa wami womkhuleko.

209 Ngabe uyagula na? Ngabe uyadinga na? Phakamisani izandla zenu uma ninjalo. UNkulunkulu akubusise. Uma ugula futhi udinga, ngikutshelile, kuleliBhayibheli, ukuthi uNkulunkulu, lokho Akwenza ku-Abrahama lapho, Wakwethembisa

futhi eNdodaneni yaKhe, amadodana aKhe ka-Abrahama. NeNzalo enkulu iNdodana ka-Abrahama yenza isithembiso, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Isibonakaliso esifanayo nje uNkulunkulu asikhombisa u-Abrahama, ukuthi ukuphela kwamakholwa anesono kwaku, noma, oprofesa abanesono wayeseduze, kanjalo kuyoba njalo ngezinsuku zokufika kwaKhe. Ngabe kunjalo na?

210 Manje, ngingumfowenu, indoda. Manje, ngizonicela ukuba nithule ngempela umzuzu nje, uma nithanda. Hloniphani ngokuzithoba ngempela. Ngingumfowenu, indoda. Akunandaba ukuthi uNkulunkulu uyoke angenzele ini, Uzofanele akwenzele wena, futhi, ukukwenza kusebenze. UJesu wayeyiNdodana kaNkulunkulu; Weza emhlabeni. Niyakukholwa lokho na? Futhi ngenkathi Efika emhlabeni, Wenzani na? Kwakukhona izikhathi Afika ngazo phakathi kwabantu baKhe, ababengakholwa kuYe, amabandla abo—abo axosha abantu kuYe. Ngabe kunjalo na? Yilokho abakwenzayo namhlanje.

211 SiMthola oNyakeni weBandla laseLawodikeya ngaphandle kwebandla, engqongqotha, ezama ukubuyela ngaphakathi. Niyabo? Benze into efanayo namhlanje. "Nemisebenzi eminingi yamandla Wayengenakuyenza ngenxa yokungakholwa kwabo. Kodwa bonke abaMkholwayo, Wabapha amandla ukuba babe ngamadodana kaNkulunkulu." Ngabe kunjalo na?

212 Manje, ngizonibuza okuthize. Khothamisa ikhanda lakho, wena ogulayo. Bangaki owaziyo ukuthi—ukuthi uJesu Kristu ungumPristi oMkhulu ohlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, khona manje, ngoMhlatshelo, udatshuliwe; wathumela uMoya oNgcwele phansi lapha na? Futhi u. . .Futhi uma ningikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, eyaKhe. . .uma ufuna uku. . .Qhabo, angizukukusho lokho. Ngi—ngiyinceku yaKhe, angifanele ngisho nokubizwa ngomfundisi, kungasaphathwa umprofethi; kodwa uma nikholwa ukuthi nginitshele iqiniso, ningangikholwa, kodwa kholwani okushiwo yiZwi.

213 Bona ukuthi uNkulunkulu uyaligcina yini iZwi laKhe. Uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu. Futhi ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Ngabe kunjalo na? Ngabe yiqiniso lelo na? IBhayibheli liyakusho lokho na? Awu, uma Esenguye, amaHeberu 13:8, onguye izolo, namuhla, naphakade, uma uMthintile ngobuthakathaka bakho, Ubeyokwenza kanjani, uma Wayenguye izolo, naphakade na? Indlela Enza ngayo ngenkathi owesifazane ethinta ingubo yaKhe. UbungaMthinta na? IBhayibheli lasho njalo. Awu khonake, Ubeyokwenza ngokufanayo.

214 Manje-ke khumbulani, Wathi, "NgingumVini. Nina ningamagatsha." Manje, umvini awutheli-sithelo; igatsha lithela

isithelo kodwa lithola ukuphila kwalo emvinini. Ngabe kunjalo na? Manje, Ulapha. Singamagatsha.

215 Uma unokuthile okungalungile ngawe futhi udinga usizo oluvela kuNkulunkulu, ngizokucela ukuba ukhuleke futhi uthi, "Baba waseZulwini, leyo encane engafundile, indoda eyomile, imi phezulu lapho, inempandla. Kanjani...? Ayingazi. Futhi ingumuntu nje. Kodwa iyangitshela ukuthi Usenguye futhi yenza lesi siqinisekiso ukuthi...Futhi konke engikubonayo, ngiyabona ukuthi kuyiqiniso: ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukubekwa kwendodana, ukumnika iGama, indoda ithatha ingxenye yeGama likaNkulunkulu, u-Elohim. Manje ake sibone isibonakaliso esifanayo. Sibona uBilly GraHAM, elandela ezansi eSodoma. Kodwa lendoda ithi bayoba khona oza eBandleni elikhethiwe."

216 Manje, niyabo bazalwane, ngabe lokho kungokomBhalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Khona-ke kholwani. Futhi uma uNkulunkulu esho, eqinisa engikushoyo ukuthi kuyiqiniso, khona-ke kuyiqiniso. Khulekani. Futhi ngizozinikela; zinikeleni; sibone ukuthi uMoya oNgcwele uzothini.

217 Manje, iBhayibheli lathi iNgelosi Yayifulathele ithende. Manje, noma ubani lapha ongaziyo, ngiyacela ungakhuleki. Uma ungazi, futhi wazi ukuthi ngiyazazi izinkathazo zakho, ungakhuleki. Labo nje ongangazi futhi owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe, khuleka. Nibone ukuthi Uzokwenzani. Manje, yiba nje—nje yiba semkhulekweni.

218 Manje, Nkosi Jesu, lenkonzo masinya izofika ekupheleni. Ngikholwa ukuthi masinya lokhu kuzophela. Ngikholwa ukuthi ukufika kweNdodana elindelwe enzalweni ka-Abrahama kuzofika masinyane. Kodwa ukuze iZwi laKho ligcwaliseke, Nkosi, makwazeke kulobubusuku ukuthi Wena unguNkulunkulu nami ngingumprofethi waKho, noma, inceku yaKho, izelwe, ithunyiwe, yamiselwa kulomsebenzi, ukuze kube yisibonakaliso ebandleni, kwekhethiweyo, inzalo ka-Abrahama ebizelwe ngaphandle, ukuthi ukuphela sekuseduze. Makube njalo, Nkosi. Makuthi enye yenzalo ka-Abrahama lapho, ithinte umphetho wengubo yaKho. Khona-ke khuluma kimi, Baba, ukuba ngisho amaZwi Obungathanda ukuba ngiwasho.

219 Manje, khulekani. Manje, phambi kwami, ngifulathele izethameli, kukhona owesifazane ohlezi emuva ngalendlela. Uhlushwa inkathazo yesisu. Naye ubenengozi yemoto futhi. Akasuye owalapha. UngowaseKentucky. Igama lakhe nguNksz. Ellison. Yima ngezinyawo zakho, nenekazi, a-hha, futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho. Kholwa eNkosini uJesu Kristu futhi uphulukiswe. Manje, inenekazi, angikaze ngilibone empilweni yami; uma siyizihambi, nenekazi, phakamisa isandla

sakho. Inenekazi elisanda kuphulukiswa, phakamisa isandla sakho. Ngabe UsenguNkulunkulu na?

220 Manje, ngicela abanye benu nonke ukuba nenze into efanayo. Ngizofulathela. Emva kowesifazane ngqo, ngowesifazane naye ehlupheka. Unesifo sezinso esithelelanayo, owesifazane othi ukuzimuka. Nkk. Brown, sukuma futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho. Ngabe ngiyisihambi kuwe na? Siyizihambi omunye komunye. Bengingazi lutho ngawe. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kodwa ubukhuleka. UNkulunkulu akubusise. Hamba, uphile manje. Ngabe uNkulunkulu usenguNkulunkulu na? Uma ungakholwa . . .

221 Inkathazo yeqolo nenkathazo yezinso, ezansi ngomugqa lapho, Nksz. Day, ufuna ukwemukela ukuphulukiswa kwakho na? Ungakwemukela futhi. A-hha, a-hha. Angimazi owesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami. Uma lokho kunjalo, nenekazi, vayizelisa isandla sakho, asazani. Niyabo? Kuyini na? Ukukholwa kwakho ukuba ukholwe. Uma ungakholwa, konke kuyenzeka. Ngabe kunjalo na?

222 Kuthiwani ngalesisigaba, ndawondawo phakathi lapha na? Yiba nokukholwa. Kukhona indoda emi phambi kwami, ibe nokuhlinzwa ngenxa yokopha; akusizanga ngalutho. Mnu. Day, ngicela uxolo, Mnu. Short, sukuma futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho. A-hha, a-hha. NeBhayibheli lami liphambi kwami, angikaze ngiyibone indoda empilweni yami, siyizihambi ngokuphelele komunye nomunye.

223 Nesimila ekhaleni emuva lapho, uNksz. Bolen. Kuthiwani ngawe na? Uzoma futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho na? A-hha. Angimazi; angikaze ngimbone empilweni yami. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

Inenekazi elinenkathazo yomlenze, lilungiselela ukuhlinzwa, laphaya, Nksz. Conner, sukuma futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho.

224 Isinye esiwile ohlezi ngokulandelayo, lapho, elungiselela ukuhlinzwa, Nksz. Dixon, sukuma futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho. A-hha. Angikaze ngibabone empilweni yami, noNkulunkulu unguMahluleli wami.

225 Lesi yisikhathi sokuphela, bandla. UNkulunkulu wabiza u-Abrahama ngokulungisiswa, ukungcweliswa, uMoya, ukubekwa kwendodana, futhi wabonakala enyameni yomuntu ngaphambi kwesikhathi sokuphela. Uyakukholwa na? Bangaki kini ophakamise isandla sakho, esikhashaneni esedlule manje, ukuthi ufuna ukukhunjulwa emkhulekweni na? Anikaze nibone noma yini enjengayo phambilini, manje niyajabula ukuthi nemukele uKristu njengoMsindisi wenu, sukumani nime ngezinyawo zenu. Nina enikholwayo ukuthi niyajabula ukuthi nemukele uKristu njengoMsindisi wenu, sukumani nime ngezinyawo zenu, nonke manje.

Awunamahloni. Manje, uNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. Gcina . . . Kunjalo, uNkulunkulu akubusise. Bangaki ofuna ukuphulukiswa manje futhi okholwayo ukuthi Ulapha ukuba akuphulukise na?

226 Niyabo, angizange ngibathinte labobantu. Kukhona abayishumi noma abayishumi nambili abanye abantu, noma ngabe bekuyini, badabula esakhiweni. Angizange ngithinte namunye wabo, kodwa bathinte Into ethize. Lemayikrofoni iyisimungulu ngaphandle uma kukhona okukhulumayo kuyo. Ngiyisimungulu nami, kunoma yini enjalo. Bengiyokwazi kanjani na? UNkulunkulu, bathinte uNkulunkulu. UNkulunkulu wakhuluma ngami futhi wabatshela yona impela into ababeyifuna. Ngabe kunjalo na? Ngabe lokho kuMenza abe nguye izolo, namuhla, naphakade na? Khona-ke ngiyanicela, nonke enidinga ukuphulukiswa emzimbeni wenu, ukuba nime ngezinyawo zenu, eGameni likaJesu Kristu. Bandla, niyababona lababantu abafuna ukuphulukiswa.

227 Bangaki eduze kwabo abangamakholwa na? Phakamisani izandla zenu. IBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Sukuma ngakubo bese ubeka izandla zakho phezu kwabo. *Wena* beka izandla *zakho* phezu kwabo. Manje, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye njengoba nijikeleza nidabula ezethamelini ezidingayo.

228 Manje, ukhuleka kanjani ebandleni lakho na? Indlela okhuleka ngayo ebandleni lakho, wena . . . indlela okhuleka ngayo kuNkulunkulu egumbini eliyimfihlo, khulekela lowomuntu obeke izandla zakho kuye, ngenkathi nginikhulekela nonke.

229 Baba wethu waseZulwini, kube ngumhlangano omude, kodwa lowo okungangabazeki oyohlala njalo ukhunjulwa, ukuthi sisesikhathini sokuphela futhi siyakubona. Silapha kulobubusuku lapho esingabantu abaziyo ukuthi isikhathi sesiseduze. Asikho isizwe, akekho ongagcina lokhu . . . akukho muntu ongakuvimba kungenzeki. UNkulunkulu washo njalo namaZwi aKhe ayiqiniso; njengoba sibone konke ukuqinisekisa Akhuluma ngakho.

230 Futhi manje, uMoya waKho omkhulu ulapha endlini. Ngaphandle kwanoma yiliphi ithunzi lokungabaza, uNkulunkulu ofanayo owashumayela umlayezo, uMoya ofanayo owakhuluma, nguYe ofanayo owafakazisa ukuthi Unguye Lowo owayesenyameni yomuntu, edla futhi ephuza njengomuntu, ehlezi phambi kuka-Abrahama, ngaphambi kokuba isikhathi sokuphela sibe kulesosizukulwane. Kunjalo namanje, Nkosi. Isikhathi sokuphela sesilapha. Nalababantu uyazi ukuthi uJesu, iNdodana kaNkulunkulu, washo ukuthi lezizinto ziyobuye zivele futhi, njengoba kwakunjalo eSodoma ngaphambi kwesikhathi

sokuphela. Nkosi Nkulunkulu, asinalo nelilodwa ithunzi lokungabaza ukuthi kulapha.

231 Bayakhulekelana. Bangamakholwa. Basukuma ukuba bavume inkolelo yabo. Babeka izandla zabo phezu komunye nomunye ukuba bakhulekelane.

232 Ngiyamlahla udeveli wokugula, izifo, ukuhlupheka, noma isono, esibaphazamisayo, nokungakholwa okubavimbela ekwemukeleni ukuphulukiswa kwabo.

233 Ngicela uNkulunkulu ahlehlise amathunzi okungakholwa futhi avumele uMoya oNgcwele uthululeke kulababantwana baka-Abrahama, ovela ku-El Shaddai, uMnikezeli wamandla omkhulu. Futhi phulukisa ngamunye wabo njengoba ngilahla udeveli futhi ngibakhulula, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu.

